# *Ukoma*

Sanibona kusihlwa, bangane. Kuyinhlanhla ukuba lapha kulobubusuku.

Lesi yisikhathi sami sesibili ukuba lapha kuleGrantway Assembly, nomfowethu wami othandekayo, uMack, naso sonke lesisitafu esihle lapha, namaKristu ajoyinayo avela emabandleni ehlukene, uMfowethu Lee Vayle. Futhi ngisanda kubonana nomfowethu lapha, o, u—umngane oyisifuba kuMfowethu F.F. Bosworth, futhi ubengazi ngisho ukuthi uMfowethu Bosworth sewahamba ukuyobonana neNkosi. Ngathi, "Ngizwa sengathi ngadibana noElisha owathela amanzi ezandleni zikaElija," ngenkathi kade bengaphesheya futhi wayengazi ukuthi uMfowethu Bosworth sewahamba ukuyobonana neNkosi, eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nane ubudala.

2 Manje ngifuna ukubingelela abafo oxhume kutelefoni kulobubusuku, ezweni lonke, ukusuka le eCalifornia kuya eNew York, naseTexas na—nasenhla ezingxenyeni ezehlukene zesizwe, ukusuka eMaine kuya eCalifornia. Ngakho, sino—nohlelo lokuxhuma labotelefoni, lokho kube yisibusiso esikhulu. Futhi manje siyaqonda, ngomngane wethu olungileyo, uMfowethu Pearry Green, ukuthi bane—nensinjana encane ethile ewusizo abangiyibeka kwitelevishini yakho, futhi ayizukuba kutelefoni kuphela kodwa nje iyodlala kutelevishini yakho ngqo, futhi. Futhi bayabheka mayelana nayo manje.

3 Futhi, Dadewethu Mack, ngiyajabula ukukubona ubukeka uphilile, uhlezi lapha kwi ogani, kulobubusuku. Nabaningi babangane bami engibabonayo abavela ezansi eSierra Vista, noMfowethu Borders...noma uMfowethu Roberson, njalo, ovela eIndiana; abaningi. Ngifuna ukusho kubafo enhla etabernakele, kulobubusuku, kubukeka sengathi uhhafu wabo usezansi lapha, abavela etabernakele eJeffersonville.

4 Nakumngane wami enhla lapha, uMfowethu Kuhn, enishaye mayelana naye, kuphathelene nalokho kugula, isicelo. Ngiyakukhulekela, Mfowethu Kuhn. Yiba nokukholwa nje. Ungakhathazeki. Kuzolunga.

5 Nasezansi ukuyongena eTexas, Mfowethu Blair, uma ulalele kulobubusuku, mfowethu, khumbula lokhu nje; ukuthi uNkulunkulu Owakuphumelelisa okokuqala, angakuphumelelisa okwesibili. Futhi siyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokupha lokhu. Futhi ungathathi amanga kaDeveli nganoma yini. Ukhumbule nje ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu, futhi kukhona i...futhi Uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi siyaMthanda futhi siyaMkholwa, futhi siyakukhulekela.

6 Kubo bonke babangane bethu eCalifornia; kuMfowethu Mercier nabo enhla lapha eArizona, eziningi ezinye izindawo, ePhoenix; noMfowethu Williams, nani nonke nixhunyiwe phezulu lapho kulobubusuku, ndawo zonke, sithokoza ngempela; nasezansi eGeorgia. Futhi sibonga ngempela ngani nonke. INkosi inibusise.

7 Nginokuzwa kokwemukeleka kwangempela lapha kulobubusuku, kulelibandla elihle, iAssembly of God lapha eGrantway, nanoMfowethu Mack, umngane wami olungileyo. UNkulunkulu umbusisile uMfowethu Mack. Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi eCanada, ukuthi waye. . . Ngangigibele emuva ngomzila, ngisehhashini, emuva le emenweni, noMoya oNgcwele wakhuluma kimi ukuba ngehle bese ngikhulekela uMfowethu Mack. Futhi ngalesosikhathi wayesekuphuthumeni, neNkosi yamphilisa. Futhi ngakho ngiyabonga kakhulu ngalokho, nokubuthana lapha kulobubusuku kanye naye, ukukhonza iNkosi kuleloQiniso elihle.

8 Indoda ehlezi emsamo, emva kwami, yathi, "Angiboni ukuthi uyangazi." Yathi, "Wake wangicosha, njengoshaya izithupha ecela ukugibela," futhi, angazi, ndawondawo enhla eBoston noma ndawondawo, "EDetroit, ngishaya izithupha ngicela ukugibela."

9 Ngase ngithi, "Awu, ngiyavama ukwelula isandla, uma ngiphumelela, kulabo abadingayo."

10 Futhi ngakho, kulobubusuku, sonke singabadingayo. Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzosipha isandla kulobubusuku, sosizo, sezibusiso, nesomusa waKhe nesihawu.

11 Manje, ngithi nje ukukuthanda ukukhuluma isikhathi eside, kodwa ngizozama ukuba ngingakwenzi lokho kulobubusuku. Isizathu, abantu enhla eOhio basanda kushaya, uNkk. Dauch neqembu enhla lapho, uMfowethu McKinney noMfowethu Brown, nabo bonke bexhume ngeOhio. Sinithumela imikhonzo, nani. Sesihambile isikhathi enhla eNew York, futhi ngicabanga ukuthi cishe sekungeleshumi nanye noma eleshumi nambili nqo, ngalesisikhathi, eNew York. Namabandla ayafika futhi alinde kwaze kwaba yilelihora, enzela inkonzo nje. Siyabonga ngalabo bangane abahle ukujikeleza izindawo zonke.

12 Manje ngaphambi kokuba sivule iZwi, asikhulume noMqalisi nje, umzuzwana, sisakhothamisa amakhanda ethu.

13 Baba waseZulwini othandekayo, si. . . izinhliziyo zethu zeqiwe yinjabulo, ngenxa yenhlanhla esinayo yokuba siphile lapha kulobubusuku, futhi sibuthene ndawonye nabantu baKho. Abantu. . . futhi esikholwa ukuthi siyophila nabo kuze kube-phakade. Manje sinakho ukuPhila okuPhakade, ngoba, "Wanikela ngeNdodana yaKho ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kodwa abe-nokuPhila okuphakade." Ohambweni lwaYo lokuya endaweni engcwele

lapha emhlabeni, Yasifundisa, "Ozwa iZwi laMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade; futhi akayikuya ekwahlulelweni, kepha usedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, ngoba sikholwe eNdodaneni kaNkulunkulu ezelwe yodwa." SiKubonga kakhulu kanjani ngaloMsindisi omkhulu! Futhi siyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi uBukhona baKhe obukhulu buzosibusisa kakhulu sindawonye lapha, njengoba sifunda ngeZwi laKhe futhi sikhulume ngaLo. UMoya oNgcwele mawuthathe lokho kuye enhliziyweni ngayinye esizweni sonke, Nkosi, noma yikuphi lapho abantu bebuthene khona.

14 Busisa abanye abefundisi abasepulpiti. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa leGrantway Assembly; umelusi wayo, umkakhe, abantwana bakhe; abadikoni, abaphatheli, nayo yonke ibhodi. Futhi, Baba, sindawonye kwangathi singasebenzela uMbuso kaNkulunkulu, kusekhona ukuKhanya okwenele ukuba sibone ukuthi sijikeleza ngaphi, ngokuba ihora liyeza lapho kungekho-muntu ongasebenza. Futhi, Baba, sisenalenhlanhla, kwangathi si—kwangathi singahlenga isikhathi, Nkosi. Kwangathi thina, ukuba siphiwe khona. Philisa abagulayo nabahluphekile ezweni lonke. Kwangathi uBukhona bukaNkulunkulu bungezwakala kuwo wonke umfantu nekhona lesizwe, kulobubusuku.

15 Siyaqonda ukuthi ukwahlulela kuyagadla. Amaphutha amakhulu ayangena, nesizwe siyaqhaqhazela, nokuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo. Izinto ezinkulu zomlando esizwile ngazo ezinsukwini ezedlule, zokwahlulelwa, ngeBhayibheli, futhi siyakubona kuphinda futhi namhlanje. Isiprofetho sithi, "Njengoba kwenzeka ngezinsuku zikaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Njengoba kwenzeka ngezinsuku zikaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," futhi siyakubona kwenzeka manje. "Izinhliziyo zomuntu zehluleka; ukudideka kwesikhathi; usizi phakathi kwezizwe." Nkulunkulu, siyazi sisesikhathini sokuphela.

16 Sisize, Nkosi, ukuba—ukuba sithathe uMlayezo uye kuwowonke umfantu nekhona, kuwo wonke umntwana Ommisele ekuPhileni. Siphe khona, Nkosi. Sikucela eGameni likaJesu. Amen. Nkosi, busisa ukufundwa manje kweZwi laKhe.

17 Manje abaningi benu bayathanda ukuthi nje ukuthi babuke eBhayibhelini, lapho umfundisi efunda khona. Futhi ngifuna ukufunda kulobubusuku, athi awabe mabili, amavesi amathathu emaHubweni, amaHubo 42, indlela nje yokuba nendikimba. Futhi nginemiBhalo ebhalwe iphuma lapha, futhi ngifuna ukuthathela kuyo, uma ngingaphumelela, lapho siqhubeka emizuzwini embalwa elandelayo, ukuba sikhulume ngalendaba. IHubo likaDavide. UDavide wabhala amaHubo.

18 Manje nisaphenya, ngingahle ngisho lokhu. Abantu abaningi bathi, “Awu, ngabe amaHubo aphefumulelwe na?” Impela, aphefumulelwe. A . . .

19 Noma yini e—ekuleliBhayibheli iphefumulelwe, noma ngabe ngumlando, noma ngabe ngamaculo, noma ngabe yini. Kuphefumulelwe. UJesu wathi, “Anifundanga yini ukuthi uDavide wathini emaHubweni na?” Manje-ke ngiyacabanga, amaHubo, kusobala, ngamaculo. Futhi uma amaculo ephefumulelwe nguNkulunkulu, okungukuthi, ngikholwa ukuthi aphefumulelwe, futhi angokwesiprofetho futhi, ngethemba ukuthi ngimele lolosuku lapho leliculo selifezeka.

Kuzoba nomhlangano emoyeni,
Kulokho okumnandi okumnandi emva kwesikhashana;
Ngizohlangana nani, futhi nginibingelele laphaya;
KuleloKhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
Ukucula okunje okwake kwaculwa, okwake kwezwiwa yizindlebe zaba sazokufa,
Kuyoba yinkazimulo, ngiyamemezela!
NeNdodana kaNkulunkulu uQobo iyoba Ngeholayo
Kulowomhlangano emoyeni.

O, ngi—ngifuna ukuba lapho ngalesosikhathi!

20 Manje iHubo 42.

*Njengendluzele ilangazelela imifula yamanzi, kanjalo umphefumulo wami ulangazelela wena, O Nkulunkulu.*

*Umphefumulo wami womela uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo: ngiyakufika nini ngibonakale phambi kukaNkulunkulu na?*

*Izinyembezi zami zingukudla imini nobusuku, ngokuba* okwami . . . *ngokuba imihla yonke bathi kimi, Uphi uNkulunkulu wakho na?*

21 Ngiyacabanga, uDavide, ekubhaleni leliHubo, kufanele ukuthi wayekade esosizini. Futhi ngokuvamile kuthatha usizi ukuze kuphume into enhle edlula zonke kumuntu. Ku, ngempela, kulapho uNkulunkulu . . . kwehle kuye lapho esizila khona ukudla, izikhathi eziningi, ukuba sizifake thina endaweni eyiyona yona ukuba sisuke thina uqobo endleleni. Futhi ngicabanga, ngenkathi uDavide engena kulezizindawo, khona-ke uqala ukuzindla ngeNkosi, uqala ukucabanga ngezinto.

22 Izikhathi eziningi, uNkulunkulu usifaka e—emakhoneni ampintshekile lapho esizodingeka khona sibheke phezulu. Ngezinye izikhathi sidingeka ngisho ukuba silale ngomhlane wethu esibhedlela, noma embhedeni ndawondawo, ukuze

sibheke phezulu ukuba sibone lapho izibusiso ezinkulu zikaNkulunkulu sivela khona.

23 Manje igama engifuna ukukhulumela kulo kulobubusuku, igama elilodwa eliphuma eBhayibhelini, futhi lelo litholakala evesini 2, "ukoma." igama: *Ukoma*. Ngangibheka esichazamazwini ngenkathi ngibheka leligama.

24 Ngangicabanga nge—ngentshumayelo ngesinye isikhathi, engashumayela ngayo *"Ukomela ukuPhila."* Futhi ngalikhipha emaHubweni, futhi, ngenkathi uDavide ethi, "Izimiso zaKho," ngiyakholwa, "ziligugu kakhulu kimi kunokuphila."

25 Manje-ke ngangibheka futhi ngicabanga ngalelogama "ukoma," ngakho ngalibheka esichazamazwini, ukubona ukuthi lichaza ukuthini. Futhi nakhu okushiwo yiWebster, "Yisifiso esinobuhlungu," esinobuhlungu, uma ufuna into thize kabikabi kuze kube buhlungu kuwe.

26 Manje, ku—ku akusiyo into engesiyo eyemvelo, ukoma. Ukoma kuyi—yinto yemvelo. Kuyinto ethize nje kalula uNkulunkulu asinike yona, ukuze sikwazi, ukusinika i—isifiso sento ethize. Ngezinye izikhathi uNkulunkulu uno, futhi, ukunike u—umbhoshongo wokulawula, into ethize ehlezi ngaphakathi kuwe, e—elawula lezizifiso ezehlukene. Nalokhu ukoma, lombhoshongo olawulayo ohlezi enhliziyweni yomuntu, kuyinto ethize uNkulunkulu ayinika yena ukumexwayisa ngezifiso esidingekile kuye.

27 Manje kukhona izinhlobo ezimbili ezehlukene zokoma. Kukhona ukoma, ngokomzimba. Futhi kukhona ukoma, futhi, ngokomoya. Ngithanda ukufunda lokhu, okwashiwo nguDavide, futhi.

> *Umphefumulo wami womela uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo:*. . .

28 Hhayi okuthize komlando, noma enye into ethize eyenzeka eminyakeni ethize eyedlula, noma—noma inganekwane ethize eyaxoxwa ngomuny'umuntu; kodwa, "uNkulunkulu ophilayo," uNkulunkulu ohlal'ekhona njalo. Nomphefumulo wakhe womela lowoNkulunkulu, hhayi enye into yomlando othize.

29 Manje siyathola, uNkulunkulu ukunika umbhoshongo olawulayo, ukukunika izinto ozidingayo. Manje, umbhoshongo olawulayo phakathi kuwe yiwo okuqondisayo. Nalokhu ukoma kugijima ngale co-. . .mbhoshongo, umbhoshongo olawulayo, futhi ukutshele ukuthi udingani, ngokukhuluma ngokomoya. Umbhoshongo olawulayo emzimbeni, nasemphefumulweni, futhi. Kukhona umbhoshongo olawulayo emzimbeni, okutshela isidingo esidingeka emzimbeni wakho, futhi silethwa kuwe ngukoma. Futhi, kukhona umbhoshongo olawulayo emphefumulweni wakho, okutshela izinto zikamoya ozidingayo, into ethize esemoyeni wakho, futhi, futhi wena ngalokhu kungasho ukuthi nhloboni yokuphila ekulawulayo.

30 Uma u—uma ungabona ukuthi izifiso zakho ziyini, khona-ke ungasho, ngalokho, ukuthi nhloboni yento ethize ekuwe, edala lesisifiso onaso. Niyabo, kukhona into ethize oyomelayo, futhi i—futhi ingakutshela emphefumulweni wakho ukuthi lesisifiso siyini, ngemvelo yokoma onakho. Ngethemba ukuthi ningakuqonda lokho.

31 Kukhona u—umbhoshongo olawulayo womphefumulo, nowodwa womzimba, futhi umbhoshongo ngamunye ungummemezi wesixwayiso ezidingweni zomunye. Ngamunye ubiza isidingo salokho ummemezi amemezela khona, uthumela igagasi lesixwayiso.

32 Isibonelo, u—ukoma kwenyama ukwenelisa izifiso esisemzimbeni, nezifiso zikamoya ngezinto esemphefumulweni, isifiso siyilokho, futhi izikhathi eziningi lezi zilwa zodwa. Siyathola lapho, okuyinkathazo enkulu namhlanje, ukuthi abantu abaningi kakhulu bazama ukuphila phakathi kwalezozifiso ezimbili. Ngokuba, esisodwa sazo sifisa izinto zomhlaba, esinye sifisa izinto zaseZulwini.

33 NjengoPawulu wathi, ekuchaza kwabaseRoma 7:21, "Uma ngenza okuhle, khona-ke okubi kuseduzane." Uma nizama, senake naba nakho lokho ngokuthi kunehlele, maKristu na? Ukuthi uma uzama ukwenza into ethize enosizo, uhambe uyokwenza umzamo wokwenza into ethize enhle, khona-ke uthola ukuthi nango uDeveli, ngapha nangapha, ukuba nje akucasule, yonke into onga . . . Futhi leyo yinto eyodwa enhle, leyo. Ngithanda ukusho lokhu, ukuze amaKristu azi. Ukuthi uma—uma uqala ukwenza into ethize, futhi kukhona njalo into ethize ezama ukukucasula ekuyenzeni, yenze noma kanjani. Lowo nguDeveli lapho, ezama ukukuvimbela ukuba wenze lokho okulungileyo.

34 Manje, izikhathi eziningi, ngidibana nabantu okuthandayo ukuba nokwethuka okuncane. Uma bethola ukuthi bazama ukwenza into ethize futhi—futhi yonke into nje ikuvimbe ngci macala omabili, bathi, "Kungahle kungabi siyo intando yeNkosi." Niyabo? Manje ungamvumeli uDeveli aqambe amanga kuwe kanjalo.

35 Into yokuqala, ngukuthi thola ukuthi ngabe kuyintando kaNkulunkulu, noma qha. Bese kuthi-ke uma ufuna ukwazi ukuthi yintando kaNkulunkulu, buka eBhayibhelini. Nanso into e—ekubeka uqonde, yiZwi likaNkulunkulu; bese kuthi-ke uma ubona ukuthi kuseZwini likaNkulunkulu, ukuba wena ukwenze.

36 Njengokuthi, isibonelo nje ukufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Izikhathi eziningi, ngike ngagijimela kubantu, athi, "Awu, ngifune uMoya oNgcwele, futhi nje angikwazanga ukuWemukela. Angikholwa ukuthi Ungowami. Njalo uma ngiguqa, ngiyagula. Futhi ngiyahamba ngiyokhuleka, uma

ngizila ukudla, ngiyagula. Futhi uma ngizama ukuhlala ubusuku bonke, ngiyahlala, ngozela kakhulu. A—angikwazi ukusuka ngezinyawo zami." Khumbula, lowo nguDeveli. Ngoba uNkulunkulu uhlose wena ukuba ube noMoya oNgcwele. Ungowalowo othandayo.

37 Izikhathi eziningi uyathola, uma ukhulekelwa, emhlanganweni, ukuba uphiliswe ngokukaNkulunkulu, bese kuthi ngosuku olulandelayo uyathola, akungabazeki, ukuthi uDeveli uyokwenza lokho ngokuphindwe kabili kube kubi nje njengoba bekunjalo ngaphambili. Uyabo? Khumbula, lowo nje nguSathane ezama ukukususa esibusisweni uNkulunkulu anaso ngawe. Uyabo? Ungamlaleli lowomfo. Uyabo? Njalo cindezela uqonde phambili.

38 Ngike ngaba nesehlo ngalokho maduze nje emgwaqeni ngiya eAfrika. Uma ngake ngaba nanoma yisiphi isikhathi lapho uDeveli ake angicindezela khona, kwakungukuya eAfrika ngalesisikhathi esedlule. Kuba ngomunye we—wemihlangano emihle kunayo yonke nezikhathi engake ngaya ngazo phesheya kwezilwandle. Nginazo, ngiyakholwa, izinto eziningi kakhulu ezifezwe ngalesosikhathi esincane engangingaso lapho, ngaphandle kohambo lwami lokuyozingela, kunoma ngake ngenza kunoma yisiphi esinye isikhathi. Ngangicabanga njalo ukuthi lawomabandla ayengangifuni lapho, futhi ngifika ngithola ukuthi . . . Nganginencwadi evela komunye, ukuthi kwakunjalo, o, babengangifuni lapho, yonke inhlangano yobudlelwano; futhi ngathola ukuthi kwakungumuntu oyedwa, enephepha elilotshwe igama nekheli okuvela enhlanganweni, elalithi, "Asikufuni," wayeqonde yena nomndeni wakhe. Niyabo? Ngakho-ke sengifika laphaya . . . Niyabo, nje "si," lowo kwakunguye nomndeni wakhe; futhi kwakungesibo abantu, nhlobo. Ngakho, manje yinsimu enkulu evulelwe thina.

39 Niyabo, ngenkathi uPawulu ethi, "Uma ngenza okuhle, khona-ke ububi buseduzane."

40 Dedela omncane ophendukile eze kulobubusuku ealtare, ndawo ndawo lapha kulelitabernakele, noma—noma ngaphandle esizweni sonke; futhi khumbula nje, kusasa, umama uzothukuthela kakhulu kunoma ake athukuthela, ubaba uyocasuka wonke, nazo zonke izingane zesikole. Nayo yonke into ihambe kabi nje, ngoba nguSathane ezama ukukuthola ukuba ujike. Uzama ukukuxosha uphume eNdleleni yezinyawo. "Uma ngenza okuhle, khona-ke ububi buseduzane njalo."

41 Manje ake sibuke ukoma, futhi ake sibone ukuthi ngabe ngempela ukoma kuyinto yemvelo yini. Ngike ngaba nabantu abangitshelayo, "O, angikaze ngikwenze. Ngikholwa ukuthi kungokwabany'abantu nje abafuna ukuba ngamaKristu." O, qhabo. Yiphutha lelo. Kuyinto empeleni ehlangene naso sonke isidalwa esingumuntu. Kuyiqiniso ngempela. Ngenkathi

sifika kulelizwe ngezinsuku zasekuqaleni, sathola amaNdiya lapha. NamaNdiya, nakuba ayengumhedeni ngalesosikhathi, ayekhonza ilanga noma into ethize. Inqobo nje uma bengumuntu, kukhona okuthize kubo, ukoma kwemvelo, kubiza uNkulunkulu, ndawo ndawo.

42 Emuva emenweni, maduze nje emuva lapho, amamayela angamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili ukusuka ekusondeleni okuseduze kakhulu nempucuko, elincane, idolobha elincane cishe labantu abayizinkulungwane ezintathu, laseBeira, eMozambique. Sithola abomdabu ababengazange ngisho . . . bengakaze bambone umlungu. Ngathola intombazane yomdabu, yayingagqoke-zingubo, (noma yimaphi amanye awo awanazingubo angazigqoka cishe impela), futhi yayihlezi phezulu esihlahleni. Futhi ngangilandela umkhondo webhubesi, futhi kwakukhona . . . Ngezwa into ethize njengesidalwa esingumuntu, simemeza kakhulu. Lentombazane yomdabu ihlezi phezulu lapho, inezinxemu, iphethe ingane. Futhi eyayikwesaba . . . Leso yisona sivikelo sayo kuphela, ngukugibela esihlahleni, ibalekela ibhubesi, ingwe noma yinto ethize, noma isilwane esithize. Futhi yayingibonile, futhi yezwa ukuthi kwakuyisidalwa esingumuntu, kodwa ngenkathi ibuka futhi yabona umlungu! Yayingakaze ibone noyedwa empilweni yayo, niyabo, futhi yethuka yacishe yafa. Niyabo?

43 Kodwa ngenkathi sithola labobantu, ngisho nakulesosimo sasendulo emuva lapho, babesakhonza. Ngaphambi kokuba sibize umugqa ungene, baphaka umphothulo (yilokho abakudlayo) ecembeni elincane, futhi bashaya ihlombe, futhi babiza umoya othize wenye into ethize enkulu abangazi ukuthi kuphi (njengongcwele owengamelayo noma okuthize, kwiKatolika), ukubavikela, ukuba bangabulawa ngesikhathi sokuhlasela kwalelibhubesi.

44 Niyabo, yinto engeyemvelo. Akusiyo into engesiyo eyemvelo ukomela uNkulunkulu. Kuyinto yemvelo. Kuyinto nje obufanele uyenze. UNkulunkulu wena ukwenze kanjalo. Futhi akusimuntu waphezulu, empeleni nje kuyisidalwa esingumuntu esejwayelekile. Akusikho nje okukhethekile kwabantu abathize.

45 Bathi, "Awu, ngibone abanye abantu bephila i—impilo yokunqoba, ukuthi njalonjalo besesiqongweni sendlu, badumisa uNkulunkulu. Ngifisa sengathi bengingazizwa ngaleyondlela." Awu, isizathu sokuba uzwe ngaleyondlela, ngukoma okukuwe. Futhi kuyinto yemvelo nje. Kungokomuntu wonke, ukomela uNkulunkulu.

46 Manje sizothatha okunye kokwemvelo. Ukoma yikho kuqala. Ake sithathe, isibonelo nje, ukomela amanzi. Njengoba uDavide asho lapha, ukomela, a "amanzi." Ukomela amanzi, umzimba udinga amanzi. Futhi uma ungakunikezi lokho koma, uzobhubha. Uzokoma, futhi uzo—ungeke uphile.

Uma ungenakuthola amanzi kulokho koma, ukuqeda lokho koma komzimba wemvelo uzobhubha masinyane. Ungeke uphile isikhathi eside. Ungaphila isikhathi eside ngaphandle kokudla kunoma ungaphila ngaphandle kwamanzi. Ngoba, ungazila ukudla izinsuku ezingamashumi amane (uJesu wakwenza), ngiyethemba, ngaphandle—ngaphandle kokudla, kodwa ubungeke ukwenze lokho isikhathi eside ngaphandle kwamanzi. Ubungavele nje kalula wome nkwe futhi ufe. Ufanele ube namanzi. No—nokoma okukufikelayo, ngani, kungokokukhombisa ukuthi umzimba udinga into ethize, yokuwugcina uphilile. Umzimba uzofanele ube namanzi, ukuze uhlale uphilile. Wena ungamaphesente angamashumi ayisishiyagalombili nokuthize kwamanzi noketshezi lwamafutha ipetroliyamu, empeleni, futhi ufanele uyigwinye lemithombo, ukukugcina uphilile. Njengoba ngishilo, uma ukudebesela uzobhubha.

47 Ukoma futhi kuyisixwayisa-ngozi. Kuyiwashi elikhulu eliyisixwayisa-ngozi, lokho koma. Umphefumulo ukhalisa iwashi elikhulu eliyisixwayisa-ngozi, elingokunsenenezayo okuncane ngaphakathi kuwe okukutshela ukuthi ukufa kuqamekele eduzane. Ukuthi, uma ungatholi amanzi masinyane impela, uzofa. Futhi kuya ngokuzwakala kakhulu kakhulu, uze uthi ekugcineni ukucishe futhi uzofa, ngoba yiwashi elikhulu eliyisixwayisa-ngozi.

48 NjengoDavide wakuchaza lapha emaHubweni, "Njengendluzele ilangazelela imifula yamanzi, kanjalo umphefumulo wami ulangazelela Wena, O Nkulunkulu." Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi!

49 Bengicabanga kaningi, njengokufunda lokhu kukaDavide. UDavide wayengumhlali-mahlathini, umzingeli. Futhi wayezingela inyamazane idiye, kusobala. Futhi abaningi bethu, ngalolusuku, bayazizingela. Indluzele iyinyamazane idiye.

50 Futhi siyathola, uma wake wazibona izinja, amankentshane ayoyidumela inyamazane idiye. Futhi ngokwejwayelekile zinalo, njengenkentshane ikoyote, izinyo elicijile. Futhi lingadumela inyamazane idiye phezu komqhedlana wendlebe ngqo, *lapha*, bese lisonta isisindo sayo. Bese linquma umphimbo wenyamazane idiye, bese-ke inyamazane idiye ayisenathuba-ke. Kodwa ngezinye izikhathi i—i—inja, njengaseAfrika lapho, inkentshane liyoyidumela inyamazane idiye emihlubulweni ngqo, uma ligeja umphimbo. Liyodumela, okwesibili, emhlubulweni. Futhi uma inyamazane idiye iqine ngokwenele futhi ishesha ngokwenele, ingayinikina inja.

51 Inyamazane idiye ishesha kakhulu impela. Inja iyayinyonyobela uma ingabhekile, futhi uma iphambene nomoya kuyo, futhi—futhi a—ayazi ukuthi inja iseduzane.

52 Bese kuthi-ke, uma inkentshane liyidumela, uma ishesha ngempela, ingayiphosa le. Futhi, kodwa uma inja iphuma emhlubulweni, inesigaxa esigcwele umlomo senyama yenyamazane idiye. Noma, uma iyidumela entanyeni yayo ngezinye izikhathi, iyonquma kusondele emithanjeni emikhulu yegazi esentanyeni, futhi iwugeje. Nenyamazane idiye, iyinikina, iyodonsa sonke isihlephu senyama emphinjeni wenyamazane idiye, bese igazi liqala ukwehla.

53 Bese kuthi-ke inja iyoza ngqo emkhondweni walelogazi, emva kwenyamazane idiye. Futhi lapho ukuphila kwenyamazane idiye kuqala ukuncipha, njengegazi, elingumgobhozo wokuphila okuya emzimbeni, lapho lokho kuqala ukuncipha kwehla, inyamazane idiye iya ngokuphela amandla. Bese kuthi-ke inja, noma impisi, isemva kwenyamazane idiye ngqo.

54 Manje, uma leyonyamazane idiye ingeke iwathole amanzi! Manje, amanzi anokuthize kuwo, ukuthi, uma inyamazane idiye iphuza amanzi, anqamula ukopha. Kodwa uma ingawatholi amanzi ukuyipholisa, khona-ke i—igazi lilokhu ligobhoza ngamandla; ngoba iyagijima, igcina inhliziyo yayo iphampa. Kodwa uma ingake ize ifike emanzini, inyamazane idiye iyophila.

55 Manje kukhona isifundo esikhulu lapho, niyabo, noDavide esho lapha, "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, umphefumulo wami ulangazelela Wena, O Nkulunkulu."

56 Manje leyonyamazane idiye iyazi, ngaphandle uma ithola amanzi izofa. Nje ngeke iphile. Ngike ngawulandela umkhondo wazo izikhathi eziningi emva kokuba isilimele. Uma izithela emgobhozweni wamanzi, iyonqamula ingene bese iyaphuza, yenyukele ngale kwegquma; ibuye yehle, inqamule, iphuze amanzi bese iyenyuka. Awusoze uyibambe, inqobo nje uma izolandela lowomgobhozo. Kodwa uma nje ike yasuka emgobhozweni, uma ingawutholi omunye umfula wamanzi ndawo ndawo, uyoyibamba khona lapho. Futhi manje inyamazane idiye iyakwazi lokho, ngakho iyohlala namanzi ngqo, lapho engafinyelela kuwo ngokukhulu ukushesha. Manje ungathini nje inyamazane idiye nekhala layo libheke phezulu, ikade iphume yenqakwa ndawo ndawo lapho kungekho khona-manzi?

57 Futhi uthi, "Njengendluzele yomele noma ilangazelela (kungukoma) imifula yamanzi, umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu. Ngaphandle uma ngingafumana Wena, Nkosi, ngizobhubha. Nge—nge—ngeke ngahamba ngaphandle uma ngifumana Wena!" Futhi uma owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, ithola lolohlobo lokomela uNkulunkulu, uzothola into ethize. Niyabo?

58 Kodwa uma sifika kuwo, kuthi nje ukuba phakathi nendawo nje, "Awu, ngizoguqa phansi bese ngibona ukuthi iNkosi yenzani." Niyabo, awukomi ngempela. Kufanele kube ngukoma phakathi kokufa nokuPhila, bese-ke kwenzeka into ethize.

59 Inyamazane idiye, nayo lapha i . . . Siyathola ukuthi nayo inomunye umuzwa, wokuhogela, okhalisa insimbi kuyo uma isitha sayo siseduzane. Sinawo, lesisidalwa esincane, sinawo u—umuzwa wokuthi sizivikele. Futhi si—sinesixwayisa-ngozi esincane kuso, into ethize encane, ukuthi sishaya amakhala aso uma isitha siseduzane. Ungangena emoyeni ovunguzayo wesitha, futhi sona siyazi ukuthi ukhona, futhi sesihambile. Ngezinye izikhathi kuqhele ngohhafu wemayela, singakuhogela bese siyabaleka, noma impisi noma yiyiphi ingozi. Siyakwazi ukuyizwa ngenxa yokuthi senziwe ngaleyondlela. Siyinyamazane idiye, ngemvelo. Nalowomuzwa kuyo yiwo nje uNkulunkulu ayinika wona, imizwa kuyo, ukuba iphile ngayo.

60 Futhi ngacabanga, ngiqhathanisa inyamazane idiye nomuntu owomele uNkulunkulu, ngaphambi kokuba isitha sifike lapho. Kukhona okuthize ngomntwana kaNkulunkulu, ukuthi uma uke wazalelwa eMoyeni kaNkulunkulu, wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kukhona okuthize ngomuntu ongasizwa ngomuzwa isitha. Ungathatha umuntu uma ethatha umBhalo, futhi efunda umBhalo futhi ezama ukujovela okuthize kulowomBhalo, okuphambene nomBhalo, umuntu ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele anga [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] kuzwa ngomuzwa lokho, ngokukhulu ukushesha. Kukhona into ephumile endleleni. Uma engena endaweni, na—nalowomuzwa othize omncane phakathi lapho, ukuthi wenzelwe ukuvikela impilo yakho. Wena, awufanele, awufanele neze usukele noma yini ngaphandle uma kuyiZwi likaNkulunkulu ngqo. Ufanele uhlale nalo ngqo leloZwi. Futhi, manje, futhi siphephile ngalowomuzwa inqobo nje uma sikuMoya oNgcwele.

61 Ungahamba uyofunda, njengokuthi nje isibonelo, omunye umuntu athi, futhi ngizohamba ngiyofunda kuMarku 16, futhi ngithi, "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayokhuluma ngezilimi ezintsha, noma baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, ngeke kube nangozi kubo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda."

62 Manje, bese-ke, uthola umuntu asukume lapho bese ethi, "Manje, lokho kwakungokonyaka wobuphostoli." Lokho, manje, ngokukhulu ukushesha, uma wemukele uMoya oNgcwele, ushiyelwe ifa lalowomuzwa. Uyawukhalisa. Kukhona okungalungile lapho. Niyabo? Bazama ukukuchaza ngokukuqhelisa, ukuthi kungokolunye usuku, ukuthi ngempela awuzidingi lezozinto namhlanje. Kodwa uJesu wathi,

"Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Niyabo, kukhona into ethize encane ekhalayo kuwena, okuncane okunsenenezayo, ekwazini ukuthi lokho akulungile naleyo yindlela yokufa.

63 Isizathu, uJesu wathi, "Uma senezela izwi elilodwa kuLeli, noma sisuse iZwi elilodwa kuLo, isabelo sethu siyasuswa eNcwadini yokuPhila." Niyabo, hhayi umBhalo owodwa. Sifanele siLithathe ngendlela eLilotshwe ngayo nje. NoNkulunkulu uyaliqaphela iZwi laKhe, ukuLenza, futhi siyazi ukuthi Lifanele libe ngakho nje.

64 Ngakho ngakho-ke, akunandaba ukuthi ibandla belizothini, ukuthi ubani omunye ubezothini, uma uzalwa nguMoya kaNkulunkulu, uba yingxenye yeBhayibheli. UNkulunkulu watshela uHezekeli, yena, umprofethi. Wathi, "Thatha incwadi egoqwayo uyidle," kwase kuthi umprofethi nencwadi egoqwayo babayingxenye yomunye nomunye. Nalelo yikholwa uma lemukela uMoya oNgcwele; uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, noMoya kaNkulunkulu uyiZwi likaNkulunkulu. "AmaZwi aMi anguMoya. Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." AmaHeberu 13:8, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Futhi uma uyingxenye yaleloZwi, o, khona-ke ake kuqubuke into ethize ephambene naleloZwi, [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kaningana—Umhl.] nakho okunsenenezayo okuncane kukhala ngokukhulu ukushesha. Niyabo, Lingelokukwexwayisa ukuthi ukufa sekusemgwaqeni. Asifanele neze sikwenze lokho. Kukhona futhi . . .

65 Lokhu ukoma kungokwemvelo nje. Zingokwemvelo kumKristu. Zingokwemvelo esidalweni esingumuntu.

66 Kukhona futhi ukomela impumelelo. Abantu abaningi kakhulu namhlanje, sikufundela kanjani esikoleni lokhu ukoma pho! Sisanda kuqaphela nje, baqale ukumisa iyunivesithi enhla. Futhi sehlela lapho, nabantu bachitha izinkulungwane zamadola ukuthumela abantwana babo esikoleni, na—nasemayunivesithi namakholiji, kanjalonjalo, ukuba bathole imfundo, "Ukuba baphumelele," bakubiza kanjalo, "ekuphileni." Kodwa manje angimelene ngalutho nalokho, manje, konke lokho kulungile. Kodwa, kimi, ubungathola konke ukufunda kwasesikoleni ezweni, futhi usalokhu ungakayitholi impumelelo eyiyo. Kunjalo. Ngoba, lokho kuzovele nje okwesikhashana kwenze izinto zithi ukuba lula kancane kinina lapha. Futhi kukhona i . . . Kodwa uma ufa, ukushiya konke lokho emva kwakho, nazozonke lezi ezomnotho esinazo.

67 Ngangikusho ngeliny'ilanga, ePhoenix. Kuyama kuyacaphuna futhi, ukuthi, "Yonke lempucuko yesimodeni,

lonke uhlelo lwezokufundisa, lonke uhlelo lwesayense, lonke luphambene neZwi likaNkulunkulu nentando yaKhe." Impucuko ngokoqobo i . . . Ayisoze ibekhona impucuko ezweni elizayo, enjengalena. Lena yimpucuko ephendukezelwe. UNkulunkulu wayenempucuko yaKhe yokuqala phezu komhlaba, ngenkathi Ekhuluma amaZwi aKhe futhi zamila yonke imbewu ngenhlobo yayo, futhi kuleyompucuko kwakungekho kufa, kugula, kudabuka. Futhi manje sithatha izinto esezweni lesayense, eyabekwa lapha ukulihlanganisa ndawonye, futhi yaliphendukezela laba ngenye into, nalokho kuletha ukufa.

68 Njengebhomu le atomu. Angizazi izinhlanganisela zalezizinto, kodwa ngingahle ngikusho lokhu ngokungesikho. Bathatha iyuraniyamu insimbi eyigugu ukwehlukanisa i—imolekhuli umsuka wezinye izinto omncinyane kakhulu, nemolekhuli ihlakazeka ibe ngama atomu. Bese yenzani-ke na? Iyashabalalisa nje, cishe impela, ibhubhise nje. Yonke into esiyenzayo!

69 Sithatha umuthi, sifake *le* nhlanganisela na *le* nhlanganisela, ukwelapha *lokhu*, bese sikufaka kithi. Futhi senzani na? Kukhona okunye esikudilizela phansi.

70 Manje ngiqagele nifundile, niyifundile iReader's Digest, yangenyanga edlule ukuthi yasho ukuthi, "Kulonyaka esiphila kuwo manje, ukuthi, abasha besilisa nabesifazane, bafika ezingeni eliphakathi nendawo phakathi kweminyaka engamashumi amabili namashumi amabili-nanhlanu ubudala." Cabangani ngalokho. Amantombazane amancane anqamuka ukuya esikhathini, enamashumi amabili, namashumi amabili-nambili namashumi amabili-nantathu eminyaka ubudala, ibanga lempilo eliphakathi nendawo. Niyabo, ukuthi kwenziwe yini, kube yilokhu ukudla okubhasteliwe nezinto esizidlayo. Niyabo, yizinto, ukudla ne—nempilo esiyiphilayo. Ososayense ukulethe kithi, futhi, ekwenzeni njalo, bayanibulala.

71 NgangiseAfrika lapho engangibona khona labobafana ababengakaze balibone ithamo lomuthi empilweni yabo. Badla inyama eyayisinezimpethu kuyo. Babephuza echibini elalibukeka sengathi lalingabulala inkabi. Futhi ngangidubula inyamazane engangiyihlosile emayadini angamakhulu amabili, futhi ngangingakwazi ukuyibona ngezipopolo eziyiseveni fifti. Nendoda enguntanga yethu yayimi lapho, ingitshela ukuthi sanemba kuphi, ngamehlo ayo uqobo. Manje, uma yonke lempucuzeko yesimodeni kukhona ekwenzile . . . Ngizwa sengathi ukuba nganginamehlo ayo nesisu sayo, ngithi bengiyoba yindoda ekahle. Yebo.

72 Kodwa nakho lapho enikhona, niyabo, yilokho-ke isayense, imfundo, impucuko, sibhujiswa yiyo. Sizibhubhisa thina. Yaqala

ensimini yase-Edene, futhi isalokhu ikhona namhlanje. Kodwa, ukomela impumelelo!

Manje-ke, somela inhlanganyelo. Siyahamba, sifuna inhlanganyelo.

73 Kunjengensizwa nentombi. Manje, akusikho okungadingekile noma akusikho (ngiqonde ukuthi) okungesikho okwemvelo ensizweni nentombi ukuba ba—bathandane. Kungukomela uthando. Yibanga labo, futhi ba—bayathandana. Futhi akusikho okungesikho okwemvelo, lokho nje kuyinto yemvelo ukuba benze lokho.

74 Manje sithola izinto eziningi, empilweni esiyiphila emzimbeni wemvelo, esizomelayo. Kuyinto nje ethize ehlala kithi. Sifuna ukuyenza, sizwa ngokoqobo ukuthi iyadingeka. Futhi iyadingeka ukuthi siyenze.

75 Sithola abesifazane abaningi, ngalezizinsuku, bomela ubuhle. Manje akukho sifazane... Kuyinto yemvelo kowesifazane ukuba omele ukubukeka kahle. Leso yi—leso yisazelo sakhe asiphiwa nguNkulunkulu no—nobuhle bakhe uNkulunkulu amupha bona enzela umata wakhe. Futhi manje siyathola ukuthi abesifazane bafuna ukuba yileyondlela. Kungani na? Kungenxa yokuthi nje kuyinto ethize uNkulunkulu amupha yona. Futhi akusilo iphutha ukuba abesifazane babukeke kahle. Bafanele.

76 Futhi, niyazi, yibona kuphela isidalwa lapho—lapho isifazane sisihle ukwedlula isilisa, kusesizweni sabantu. Zonke ezinye izilwane, thatha i—inkomazi enkunzini, insikazi yenyamazane idiye enkunzini yenyamazane, isikhukhukazi eqhudeni, umama wenyoni kubaba wenyoni, njalo uthola isilisa sikhulu futhi sibukeka sisihle. Kodwa esizweni sabantu, kwakhombisa ukuthi ukuphendukezela kuvelaphi, kuyashintsha; futhi ngabesifazane kanjalo o—obukeka emuhle, futhi bakhanukela ukuba babukeke bebahle.

77 Hhayi njengalezizidalwa ezethusayo esizibona emgwaqeni zalolusuku; qhabo, qhabo, hhayi lolohlobo lokubukeka kahle. Qhabo. Lokho kungokubukeka kunamanyala ukwedlula konke engake ngakubona empilweni yami. Yebo, mnumzane. Leyo yimpendukezela ephendukezela ukoma kwangeqiniso.

78 Manje, ukoma kwangeqiniso owesifazane afanele abe nakho, kuyoba ngukuba "bahlobe ngezingubo ezifaneleyo, nokuba nomoya ofana nokaKristu," uThimothewu I 2:9. Manje yileyondlela owesifazane afanele omele ukuba yiyo. Manje uma ufuna ukubukeka kahle, yileyondlela ekwenza ubukeke kahle, niyabo, ngumoya ofana nokaKristu, nohlobe ngezingubo ezifaneleyo.

79 O, he, abanye balabababantu namhlanje phandle emigwaqeni! Awusakwazi ukwehlukanisa owesilisa kowesifazane, futhi kuyi—kuyinto ebukeka yenyanyeka kakhulu obunga...

Bengingeke, kuyi—kuyi . . . A—angikaze ngiyibone into enjengayo, njengezidalwa ezingabantu. Kungaphezu komuntu. Amehlo ependwe kwaze kwenyuka *kanjalo,* futhi, niyazi, lawomehlo abukeka exakile efana neqhimilili, nazozonke lezozingubo ezibukeka zixakile. Futhi, ngani, akusho ngisho . . . Konke kuphume kakhulu esimweni, ababukeki ngisho befana nesidalwa esingumuntu. Nabanye balabobafana phandle lapha, nezinwele zabo zikanywe zabhekiswa phansi, amarolo kadadewabo ngaphambili *lapha*, niyazi, ngani, kuyimpendukezela ephelele! Kunjalo. Ngu—ngu—nguSathane, noSathane ungumphendukezeli.

80 Ngenkathi uNkulunkulu enza yonke into ensimini yase-Edene, yayithandeka, kwase kungena uSathane-ke wase ephendukezela. USathane ayikho into angayidala. Munye kuphela uMdali, lowo nguNkulunkulu. Kodwa uSathane uphendukezela okudaliweyo kwasekuqaleni. Futhi manje usengene (lokhu ngifuna ukukhuluma ngakho kulobubusuku) ephendukezela o—okudaliweyo kwasekuqaleni kokoma.

81 Manje, owesifazane, njengoba ngishilo ngaphambili, ufuna ukubukeka kahle. Kukhona okuthize kuye, ukuthi ungubufazane futhi ufuna ukuba ngaleyondlela.

82 Kodwa indlela abayiyo emgwaqeni namhlanje, izinwele zigundiswa okwendoda, begqoka izingubo zendoda; bese kuthi-ke indoda ijike, igqoke izingubo zabesifazane, nokugunda izinwele njengowesifazane. Niyabo, kuyimpendukezela, yonke into! Ukudla kwenu kuphendukezelwe. Impilo yenu iphendukezelwe. Ukoma kwenu, kuphendukezelwe. Isifiso senu siphendukezelwe. Wusuku lokuphendukezela!

83 Ngangikhuluma lapha, esikhathini esingeside esedlule, ngokuthi *IEdeni likaSathane*. UNkulunkulu wathatha iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, futhi wenza iEdeni eliphelele. USathane uyawela wase efaza lezozimbewu, futhi wazikhubaza. Manje usebe neminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, futhi une-Edeni lakhe uqobo lesayense, usebuyile futhi ekuphendukezelweni kokuyikho.

84 Futhi lona ngunyaka wokubhastela, ukubhastela. Banawo ngisho nama—masonto namhlanje, aseze abhastelwa. Kunjalo. Bangena lapha, bavele baye esontweni nje, sekuyidlangala esikhundleni sesonto. Isonto yindawo lapho abantu bebuthana khona ndawonye bese bekhonza uNkulunkulu ngoMoya nangeQiniso. Futhi namhlanje yidlangala. Siya lapho bese siba nesikhathi esincane sokuxhawulana, nenhlanganyelo, nekhofi elimnyama kwingemuva lendlu, bese siya ekhaya kuyoze kube yiviki elizayo, futhi sesiwenzile umsebenzi wethu wezenkolo.

85 Manje ngunyaka ophendukezelwe. NoSathane uphendukezela lokhu ukoma uNkulunkulu akufake kini, ukuba

nome. USathane uyakuphendukezela. Manje uma nifuna ukwazi okuyikhonakhona, impendukezela . . .

86 Uma nina, besifazane, ufuna ukubukeka kahle, thathani uThimothewu I 2:9, lokho yilokho "bahlobe ngezingubo—izingubo ezifaneleyo, benomoya ofana nokaKristu, bemnene, bethobela amadoda abo," kanjalonjalo. Yileyondlela enifale nihlotshiswe ngayo, impilo yenu eniyiphilayo.

87 Uphendukezela imvelo kaNkulunkulu yangeqiniso, nokoma kukaNkulunkulu kwangeqiniso, komzimba nomphefumulo, ngokukhanukela isono. Isono, impendukezela! Manje siyathola, umuntu namhlanje, indlela abathathe ngayo leyompendukezela; ukomela uNkulunkulu, ukomela ukubukeka kahle, nakho konke lokhu ukoma. A, amanzi, baphendule lokho ekweneliseni lokho ngokuphuza. Ukomela injabulo, wonke umuntu ufuna ukuba nokujabula; ukomela inhlanganyelo; konke lokhu ukoma okukhulu uNkulunkulu akufaka kithi, ukuze somele Yena. UNkulunkulu wanenzela ukuba nomele Yena, futhi sizama ukukwenelisa ngolunye uhlobo oluthize lokoma, ngolunye uhlobo oluthize lokuphendukezelwa kokoma okufaneleyo. Niyabona ukuthi kunjani emvelweni na? Niyabona ukuthi kunjani kokukamoya na? Siyacabanga, inqobo nje uma sijoyina ibandla, lokho—lokho kuqedile, yilokho kuphela esimele sikwenze. Awu, lokho kuyiphutha ngokoqobo. Qhabo.

88 UNkulunkulu ufuna nomele Yena! "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu." Niyabo? Niyabo?

89 Manje, uma leyonyamazane idiye yayilangazelela umfula wamanzi, uma-ke kufika umuntu, nomunye ubhuti wenyamazane idiye afike, bese ethi, "Awusho, ngizokutshela ukuthi ngi—ngizokwenzenjani. Ngiyazi lapho okukhona khona umgodi wodaka ngezansi lapha." Awu, inyamazane idiye ibingeke ikufune lokho. Yona, lokho bekungeke kuyisize.

90 Futhi ayikho into engenelisa lokho koma okusesidalweni esingumuntu, kuze kungene uNkulunkulu. Ufanele abe naKho, noma afe. Futhi akukho-bantu onelungelo lokuzama ukuthulisa noma ukwenelisa lokho koma okungcwele, okukuye, ngezinto zezwe. Qhabo, mnumzane. Kungukungamesabi uNkulunkulu ukwenzenjalo. Futhi uma womele uNkulunkulu, ungaxhawulani nomshumayeli bese ufaka igama lakho encwadini. Uma womele uNkulunkulu, yinye kuphela into yokukwenelisa, lokho ngukuthi, hlangana noNkulunkulu. Uma womele uNkulunkulu, yileyondlela kuphela ongahlangana ngayo naYe, ngukwenza lokho.

91 Bese-ke kukhona ingozi enkulu, futhi, uma ungabhekisisi ukuthi wenzani ngalesosikhathi. Uma womele uNkulunkulu, qiniseka ukuthi nguNkulunkulu omtholayo. Niyabo, qiniseka ukuthi ngukoma kwakho okwenelisekayo. Kodwa uma uSathane

ekwazile ukukuphendukezela wena, kulokhu ukuhahela okwemvelo, nokuthi yena uyokwenza uma engahle akwazi, uyo—uyovele nje akwenze uzame ukweneliseka.

92 Umuntu uyaphuma, yini eyenza umuntu adakwe na? Yingoba ukhathazekile futhi umahlephuhlephu. Kukhona okushodayo kuye.

93 NgangikwaMayo, lapha esikhathini esingeside esedlule, futhi ngangiphezulu lapho nginengxoxiswano. Futhi kwase kushiwo kulokhu, lokho, kukhulunywa ngokuphuza, futhi ngabatshela ukuthi ubaba wami wayephuza.

Wathi, "Yini eyamenza aphuze na?

Ngathi, "Angazi."

94 Wathi, "Yingoba kwakukhona into ethize eyayi (yena) ngamenelisi, futhi wayecabanga ukuthi wayengaphuza ukuze ayisuse emqondweni wakhe."

95 Ngakubamba ngayo leyonkathi-ke, niyabo. KwakunguNkulunkulu ngempela, wayeyiyonanto kuphela eyayingenelisa lokho koma. UNkulunkulu uqobo lwaKhe yiyonanto kuphela engenelisa lokho koma komuntu, ngukwemukela uNkulunkulu.

96 Manje uSathane uthatha lezizinto, njengoba ngishilo, bese eyaziphendukezela. Manje-ke uma u—uma u. . . Uma ungeke wanika lokho koma indawo efanele empilweni yakho, futhi ungeke wome futhi uthathe izinto uNkulunkulu azihlinzekile ukuba ayekise lokho koma ngazo, ukukuqeda, khona-ke uSathane uyokuholela kweminye yemigodi yakhe engcolileyo yamanzi amile alelizwe. Ufanele ubenawo ndawondawo. Uma ungenakukuthola ukudla, uyodla emgqonyeni kadoti. Niyabo? Futhi uma u—uma ubungenakuwathola amanzi, futhi ufa, ubuyophuza e—echibini lanoma yiluphi uhlobo, ngoba uyabhubha.

97 Kodwa asikho isidingo salokho, uma womele uNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu unguNkulunkulu ophilayo, hhayi enye into ethize yomlando. "Umphefumulo wami womela Wena, uNkulunkulu ophilayo," Into enikeza amanzi aphilayo, Into eyenelisayo.

98 Kukhona enye imvelo, okwemvelo, ukoma kokwemvelo nje, kulokho koma komphefumulo. Ungahle uthi, "Mfowethu Branham, ngabe lokho koma komphefumulo, ngabe lokho kungokwemvelo na?" Yebo, lokho kungokwemvelo ukuba umphefumulo wome. Futhi kuyikho, ngokuba uNkulunkulu wakwenza waba ngalendlela, lokho ukuze womele Yena. Ufuna womele Yena. Manje, uNkulunkulu wena wakwenza kanjalo. Wayengadinge-kukwenza kanjalo, kodwa Wakwenza. Futhi ukuba Wayengakwenzanga kanjalo, ukuze wome, bekuyoba nokuzilandulela eNkantolo yokwaHlulela, uthi,

"A—a—angizange ngimomele uNkulunkulu." Kodwa, akukhokuzilandulela, uyamomela. Uyokwenza ngokunye; ungakwenza umkakho, ungakwenza imoto yakho, ungakwenza enye into, ungahle uye esontweni futhi uzame ukukwenelisa. Futhi angiphikisani nalutho ngokuya esontweni, kodwa lokho akusikho ukweneliseka. Kungukuthola uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo, uNkulunkulu waseZulwini, angene emphefumulweni wakho, lokho kwenelisa lokho kulangazelela nokoma okulangazelelayo.

99 Manje, ngokuba, Wakwenza ukuze womele Yena, kube okwenhlanganyelo yaKhe. Manje, kukhona ukomela inhlanganyelo kwangoqobo. Manje siyathanda ukuhlangana omunye nomunye. Senza lokho kulobubusuku. Sihlangana lapha ndawonye kulobubusuku ngoba siyathanda ukuhlanganyela, omunye nomunye. Sikwenzelani lokho na? Ngoba ikhona into ekithi ukuthi siyathanda ukuhlangana omunye nomunye. Lokho kungokwemvelo nje. Futhi manje sihlangana enkundleni evamile lapha, okungukuthi, ngoba sonke somele uNkulunkulu. Niyabo? Manjena-ke sihlangana lapha kulezi zanjalonjalo, izinkundla ezivamileyo lapha zokuhlanganyela. Ebandleni kulobubusuku, lapha, kungahle kube neminingi imibono yamahlelo ehlukene, kanjalonjalo; kodwa uma sekufika kulokho koma, singahlangana enkundleni evamileyo, inkundla eyodwa: sonke siyoma. Abanye bangahle bakholelwe ekufafazeni, omunye embhaphathizweni, nomunye ekutheleni, noma okunjalonjalo; kodwa uma sekufika ekomeleni uNkulunkulu, si—siza enkundleni eyodwa esihlanganyela kuyo. NoNkulunkulu wasenza ukuze sikwenze lokho, somele Yena nenhlanganyelo yaKhe. Angazi lutho . . .

100 Ngisengumfanyana, ngiyakhumbula ngakhuliswa emndenini ompofu ngempela. Futhi ngiyakhumbula ngezikhathi eziningi engangiphuma ngazo nabafo. Ngangingakwazi ukuthi ngigqoke njengokuphuma ngiye endaweni ehloniphekile. Kodwa, a—angazi, kukhona okuthize ngabantu, engangikuthanda. Ngangithanda ukuhamba nabo. Kodwa ngangiyilokhu, ngokufana, okubizwa ngokuthi, imvu emnyama. Futhi ngenkathi ngisindiswa futhi ngathola leyoNto ethize kimi, engangiyomele, u—uMngane, uMuntu owayezoba ngubhuti kimi, Umuntu engangingamethemba, Umuntu ongahlala phansi kuye futhi uxoxisane naye izinkathazo zakho. Futhi ngenkathi . . . Ngakuthola lokho kweneliswa kweqiniso kwangempela ngenkathi ngithola uJesu Kristu, lowoMenelisi weqiniso wangempela osusa zonke—zonke . . . oqeda konke lokho koma, bese ekunika Into ethize e—ebukeka nje ifana nalokho ayikho nje into engathatha indawo yaKhe.

101 Futhi manje uzama kanjani uSathane ukuphendukezela lokhu ukweneliseka komphefumulo, lokho komela umphefumulo! Uzama ukukunika yonke into ukwenelisa

khona. Futhi udukisa kakhulu ngalezizinsuku zempendukezela. Leli yizwe eliphendukezelwe. Yisizwe esiphendukezelwe. Ngabantu abaphendukezelwe. Yonke into iphendukezelwe, futhi seliphendukezelwe kakhulu kancane kancane selize laba ngunyaka odukisa kakhulu kunoma yisiphi isidalwa esingumuntu esake saphila kuwo. Udukisa kakhulu ukwedlula owake wabayikho.

102 Manje nje u—ungeke nje wacabanga ukuthi isizwe sinokweduka okunjani, ngisho nangabazalwane bakithi uqobo, njengabantu baseMelika.

103 Ngangikhuluma ngesinye isikhathi esedlule. Ngangisemahlathini emavikini ambalwa edlule futhi ngathola i—i—ipaki likasikilidi liphansi emahlathini. Futhi kwakuthi lapho, "Ihluzo lendoda ecabangayo." Futhi ngehla ngidabula emahlathini izindlela ezincane, ngase ngibuya; ngilokhu ngicabanga emqondweni wami, "Ihluzo lendoda ecabangayo, nokunambitha kwendoda ebhemayo."

104 Awu, ngangiseWorld Fair, eminyakeni ethi ayibe mibili edlule, khumbulani babenaleyo Yul Brynner nabo bonke laphaya, ngenkathi benza ngokukhombisa ngokufanekisa ngosikilidi. Nokuthi bayithatha kanjani leyontuthu base beyibeka yanquma ocezwini lwemabula, base bethatha iQ-tip base beyihhala leyonjimbilili isuke lapho, bese beyibeka emhlane wegundwane. Ezinsukwini eziyisikhombisa, lase linomdlavuza omningi kakhulu ngangokuthi lalingasakwazi ukuma ngezinyawo zalo. Niyabo, kusikilidi owodwa! Base-ke bekhombisa ukuthi lokho kungena kanjani ephashini lomuntu. Abanye babo bathi, "Angiyigwinyi. Ngiyayiphafuza nje emlonyeni wami." Kuyakhombisa ukuthi ingena kanjani ematheni bese yehla ngqo ngokufanayo nje, iyongena emphinjeni, niyabo.

105 Yayisithi-ke lendoda, "Niyabo kuningi kakhulu ukukhuluma ngehluzo." Yathi, "Manje, uma unesifiso," nakho ukoma, uyabo, "isifiso sokubhema usikilidi, usikilidi owodwa wemvelo ungahle wenelise lesosifiso okwesikhashana. Kodwa uma unehluzo, kuthatha osikilidi abane ukwenelisa," yathi, "ngoba uthola kuphela cishe okukodwa kokune kwentuthu."

106 Futhi yathi, "Ukunambitha kwendoda ebhemayo"? Niyabo, ungeke waba nentuthu ngaphandle uma uthola itiyela. Futhi uma uthole itiyela, unomdlavuza. Ngakho nakho lapho okhona, niyabo, ku—kuyicebo lokuphamba nje. Futhi ngicabanga nge—ngenkampani kagwayi ekulesisizwe, futhi—futhi iphila ngalesisizwe, bese-ke kuba ngalelocebo lokuphamba elinjalo, ukudukisa ngokoqobo izakhamizi zaseMelika, ukubadukisa. Ihluzo lendoda ecabangayo? Kuyicebo lokuphamba kuphela lokuthengisa osikilidi abaningi.

107 Ngase-ke ngicabanga ngaleyonto, "IHluzo lendoda ecabangayo," ngacabanga, "lowo ngumbono omuhle." Ngakho kukhona iHluzo lendoda ecabangayo, lelo yileliBhayibheli. I—ihluzo lendoda ecabangayo iyothatha leliHluzo, Liyoveza ukunambitha kwendoda elungileyo. Niyabo?

108 Manje, ungeke wadonsa isono sedlule emakhasini aleliBhayibheli. Qhabo, Liyasivimba. Liyasihluza siphume. Manje, ungaya esontweni, futhi nje uthathe noma yini, kodwa ungeke weza ngaleliBhayibheli futhi ube nesono. Lingeke likwenze. Lihluza kuphume sonke isono, futhi Linikeza ukunambitha kwendoda engcwele. Ngoba uma indoda icabanga ukuthi ifuna ukuba-ngcwele, futhi ifane noNkulunkulu, futhi ibe yindodana noma indodakazi kaNkulunkulu, khona-ke ifuna uhlobo olukahle lweHluzo. Ngakho Ivimba sonke isono ngakulelicala iBhayibheli, futhi Ingaletha kuphela uMoya oNgcwele ngeBhayibheli, owabhala iBhayibheli. Ngukunambitha kwendoda engcwele, ukuba naleliHluzo lendoda ecabangayo.

109 Manje siyathola ukuthi kudukisa kanjani namhlanje. UMathewu 24:24, uJesu wathi, "Ngezinsuku zokugcina, ukuthi, imimoya emibili iyosondelana ifane kakhulu ngangokuthi iyoze idukise nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Isondelene kangaka pho! Kanjani, ukudukisa okunje pho ko—kokulungile nokungalungile, esinakho namhlanje!

110 Ngisho nakuhulumeni wethu—wethu, kwezombusazwe zethu, asi—sinayo ngisho nendoda esingayimisa njengosombusazwe, ezokusukumela ngokoqobo lokho ecabanga ukuthi kulungile. Baphi oPatrick Henry' bakithi noGeorge Washington, noAbraham Lincoln banamhlanje na? Njengoba nje uMengameli wakithi asho lapho, "Indlela, uma befuna ubukhomanisi, bangaba nabo, noma ngabe yini abantu ayifunayo." Uma leyo kungesiyo i—indoda engeke yakhuluma kwekholelwa kukho! Indoda eyoma emgomweni, eyoma kulokho umgomo oyikho. . .nje efuna ukuhamba nge—nge—ngendlela yokuzabalaza okuncane.

111 Futhi yileyondlela abantu abanayo, ebandleni. Bafuna ukuza bazojoyina ibandla, futhi bathi, "O, awu, nakho—nakho-ke, sengi—ngijoyine ibandla manje." Uzama ukwenelisa lokho koma okukhulu okungcwele uNkulunkulu akufaka kuwe, lowoMbhoshongo olawulayo uzama ukukuphendulela entweni eyiyonayona, futhi uzama ukukwenelisa ngokujoyina ibandla, ucaphuna isivumokholo, noma into efana naleyo. Kanti, akulutho ngaphandle kokuthi yibo impela uBukhona nokugcwalisa kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe empilweni yakho, oyonelisa lokho.

112 Ngeke eneliseka ngesivumokholo. Awusoze wadonsa isivumokholo sedlule kuleloBhayibheli. Qhabo. Asikho ngisho

nesiVumo sabaPhostoli, esibizwa kanjalo, asisoze sedlula Lapho. Ngikhombise eBhayibhelini lapho isiVumokholo sabaPhostoli sithi, "Ngiyakholwa kulo ibandla eliRoma Katolika eliNgcwele; ngiyakholwa kukho ukudlelana kwabangcwele"; kanti iBhayibheli lathi, "Munye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, nalowo nguMuntu uKristu Jesu." Awusoze wakudonsa lokho kwedlule eBhayibhelini.

113 Awusoze wadonsa yonke lemidanso, nezikhindi, nezinto abantu abazenzayo namhlanje, lemidanso yamatwisti namawatusi, nazo zonke lezizinto, zedlule eZwini likaNkulunkulu. Awusoze wadonsa lenkambiso yesimanje yempucuko yedlule kuleloBhayibheli. Limelene nayo. Niyabo? Futhi uzama ukwenelisa lokho koma, kodwa, uyabo, kuyo. . . LeliBhayibheli liyokwenelisa kuphela ukunambitha kowesilisa noma kowesifazane olungileyo. LoMoya oNgcwele, ababengawuhleka, futhi bathi, "Ulahlekelwe yingqondo yakho." Kodwa Lokho kwenelisa lokho kulangazelela, leyonto izwe elingazi lutho ngayo. Baziphendukezele bona, besuka embhaphathizweni weqiniso kaMoya oNgcwele neZwi likaNkulunkulu, (baya kukuphi?) baya emigodini engcolile, imigodi engcolile yebandla, yemibhedesho nezivumokholo, ne—nemehluko yamahlelo, kanjalonjalo.

Uthi, "UngumKristu?"

114 "NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. NgiyiPresbyterian." Lokho akuthi shu kuNkulunkulu, akuthi shu. Ungeke wazidonsa lezozinto zedlule eBhayibhelini likaNkulunkulu lapha. Futhi uzama ukwenelisa lokho koma okungcwele uNkulunkulu akunika khona, ukomela Yena. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

115 Manje, niyazi ukuthi uDavide washo lapha, "uNkulunkulu ophilayo." Manje, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Manje-ke ngeke kwabakhona ukweneliseka kuze kuthi leliZwi, elinguNkulunkulu, libe ngeliphilayo kuwe, bese-ke ubona uNkulunkulu uqobo lwaKhe egcwalisa izithembiso Azenza eBhayibhelini.

116 Manje sinabahumushi abehlukene beBhayibheli. Elinye ibandla liLihumusha nga *le* ndlela, elinye liLihumusha nga *leyo* ndlela, nelinye nga *le* ndlela. Amanye athatha nje kuphela okuncinyane kwaLo; abanye bathatha *lapha* na *laphaya,* uphisi waLo. Kodwa uNkulunkulu ungumhumushi waKhe Yena. Uma Enza isithembiso futhi asigcwalise, lokho ngukuhumusha-ke.

117 Uma ngikwethembise ukuthi bengizoba lapha kulobubusuku, futhi nakhu ngikhona, lokho ngukugcwalisa kwesithembiso sami. Uma ngithi ngizohlangana nawe ekuseni, futhi ngilapho, leso yisithembiso sami. Akukho-sidingo

sokwenza noma yikuphi okunye ukuzilandulela, ngifanele ngibe lapho.

118 Futhi uma uNkulunkulu enza isithembiso, bese-ke eyafika futhi asigcwalise lesosithembiso, lokho ngukuhunyushwa kwesithembiso. Futhi ngiqunga isibindi noma ubani ukuba athathe uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi abone ukuthi lonke iZwi kuleloBhayibheli alisilo yini iQiniso. Kunjalo. Yingakho lokho koma kuphakathi lapho.

119 Wena uthi, "Ukuba ngangiphile ezinsukwini zikaJesu, ngangiyokwenza *ukuthi-nokuthi*."

120 Ngani, uphila ezinsukwini zaKhe. Senzani ngakho na? Senzani na? Wena uthi, "Awu?" Okwenzile mhlampe yilokho okwenziwe ngabaFarisi. Babengabebandla, futhi baphika uJesu Kristu.

121 Njalo siyasho namhlanje, abantu bazama ukuthi, "Siyaqhathanisa. Sifanele siqhathanise ikhasi leBhayibheli nekhasi leBhayibheli, umBhalo nomBhalo." Lelo akusilo iQiniso. Qhabo, akusilo iQiniso. Leligama lesiGreki lisho *lokhu*, na *lokhu* kusho *lokho*." AmaGreki qobo lwawo, emuva le eMkhandlwini waseNayisiya, nalabo babhali emuva phakathi lapho, babenezimo ezehlukene. Omunye wayekholwa nga*le*ndlela, *lesi* isifundiswa esikhulu somGreki sasichaza *lokhu*, nomunye wathi *lona* wayekuchaza nga *le* ndlela. Futhi babeqophisana ngaLo. Asidingi kuhumusha kwezifundiswa ezinkulu zamaGreki noma amagama esiGreki.

122 "Ukwazi Yena kungukuPhila," uMuntu, uKristu uqobo lwaKhe! Hhayi ukuqhathanisa. Yisambulo uNkulunkulu akha iBandla laKhe phezu kwaso. Futhi uma singakheli phezu kwaleloBandla elifanayo...IBhayibheli lathi, "UAbela, ngokukholwa!" Nokukholwa kuyisambulo saPhezulu. Niyabo, ukukholwa kuyisambulo saPhezulu. Kulungile. Yonke iNto yakhelwe phezu kwesambulo-ke, futhi ngaphandle uma lokhu kwembulwa kuwe! UJesu wathi, "NgiyaKubonga, Baba, ukuthi Ukufihlile lokhu kwabahlakaniphileyo balelizwe, futhi wakwambulela izingane zona eziyofunda." Niyabo, manje, yonke into yakhiwe lapho, ufanele umazi uMuntu!

123 Futhi ungeke wakwenelisa lokho ngokujoyina ibandla. Ufanele uthole uMuntu, uNkulunkulu uqobo lwaKhe, okuyiZwi no—nokuhumusha kwaKhe uqobo namhlanje, izithembiso Azenze namhlanje. Abantu Ayezoba nabo ngalolusuku, "iBandla elingenabala nambimbi," akuchazi lona ihlelo; kuchaza abantu, abantu ngamunye abangenabala nambimbi. "Babebabili embhedeni, Ngiyothatha oyedwa ngishiye oyedwa; babebabili ensimini, Ngiyothatha oyedwa ngishiye oyedwa." Kodwa uma uNkulunkulu, lokho koma okungcwele kokuba ufane naYe, bese-ke uyabona ukuthi iZwi laKhe likuwe, Liziqinisekisa lona, ukuthi uyinceku kaNkulunkulu. Noma yini uNkulunkulu

ayishoyo, uvele nje ucokame wenyukele kuyo ngqo, khona-ke uza ngendlela efanele-ke ukwenelisa lokho koma okungcwele okukuwe.

124 O, kusobala, abantu bayokuhleka, futhi bathi, "Ulahlekelwe yingqondo yakho. Usuyahlanya." Kodwa khumbula ukuthi baphuza kuphi, niyabo. Buka ukuthi bakuphi. Ungathini nje umthombo ophethuzayo omkhulu utshaza amanzi amahle, nomunye umuntu phansi ekweminye yemigodi ezansi lapho, inonoshobishobi abafile, nezivumokholo nayoyonke into iphakathi kuwo, ephuza phansi lapho, ebheka phezulu futhi ehlekisa ngawe na? O! Ngani, akazi, akazi ukuthi Mfudlana muni—muni oyisiqeda-koma ophila kuwo. Kunjalo impela.

125 SinoNkulunkulu ophilayo. Hhayi lowo owafa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlula futhi wahlala ethuneni, kodwa Lowo owavuka futhi. AmaHeberu 13:8, kuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." UMoya oNgcwele ofanayo owehla ngoSuku lwePentekoste unguMoya oNgcwele ofanayo olapha manje. UyiSabelo esenelisayo, ngoba UyiZwi. Kunjalo. UMoya oNgcwele waloba iZwi, Uyalihumusha iZwi. IBhayibheli lathi, kuPetru II, ukuthi uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, "Umuntu wasendulo, eqhutshwa nguMoya oNgcwele waloba iBhayibheli."

126 Manje, ungeke ukwenze, ungeke wakwenelisa lokho koma okungcwele ngalutho ngaphandle kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe ehlala kuwe, kuMuntu kaMoya oNgcwele. Imfundo, impucuzeko, ukujoyina amabandla, ukusho ngekhanda izivumokholo, uzoba ngowenhlanganyelo; zonke lezizinto zinhle kakhulu, kodwa ngokoqobo ngeke zikuvimbe lokho kuthula-du okungcwele, lokho—lokho koma okungcwele, njalo, ngeke kukuthulise-du lokho koma okungcwele.

127 Ngangilalele uBilly Graham, umvangeli omkhulu, ngobunye ubusuku. Futhi ngiyanitshela, ngimkhulekela kakhulu manje kunoma ngake ngenza, ngenkathi ngimbona ebagqonqa ngempela ngakho, indlela ababenza ngayo. Wathi, "Lesosigejane sabefundisi basesontweni beza behla ngomgwaqo, lab'okhololo ababhekiswe emuva!" Behlela lapho lapho abangenamsebenzi wokuba baye khona, bezihloma ngekhala labo entweni ethize. Kodwa babehla ngomgwaqo, [UMfowethu Branham ushaya ihlombe—Umhl.] beshaya ihlombe futhi bembambatha unyawo lwabo. Awu, babebukeka njengabaginqiki abangengcwele. Manje, niyabo, kodwa banokuthize aba—abakholelwa kukho. Banokuthile, kuxhuxhumisa umphefumulo. Babenento ethize ababexhumaxhuma. ngayo. Omunye wesifazane wahamba wase ehloma ikhanda lakhe entweni ethize ezansi lapho, futhi babecabanga ukuthi wayengumfel'ukholo, futhi wayengenamsebenzi ukuba abe kukho. Manje sithola ukuthi lamadoda [UMfowethu Branham ushaya ihlombe] ayenento ethize ayeyishayela ihlombe. Ayejabule. Ayenza okuthize.

128 Awu, uma ningakwenza lokho nikwenzele u—umgomo enicabanga ukuthi ulungile lapha; bese-ke ema ebandleni futhi omunye bashaye ihlombe noma bambambathe unyawo lwabo, abadikoni bebengabahola babakhiphe ngomnyango. Niyabo, baphendulele abantu babo emgodini ongcolile onokungcola wesivumokholo nehlelo, esikhundleni sokubapha iZwi likaNkulunkulu elingcwele elibusisiwe, elethulwe ngaMandla okuvuka kukaJesu Kristu.

129 Niyabo, bazama uku, baqeda ukoma kwabo ngokuba bathi, "NginguDokotela u*S'bani-bani,*" noma bavele ekholiji elithize noma isikole esithize. Kodwa lokho akuthi shu, akusho lutho. Kodwa, niyabo, bona, bazama ukuzenelisa bona, bathi, "Manje uNkulunkulu uzongiqonda ngoba ngingumelusi waKhe. UNkulunkulu uzongiqonda ngoba nginguFata u*S'bani-bani* ongcwele, noma umBhisobhi u*S'bani-bani*," noma—noma into efana naleyo. Bazama ukuqeda ukoma kwabo lapho, kanti ungeke ukwenze. "Ngine Ph.D., iLL.D. NgineZiqu zami zobuCiko. Ngina *lokhu*." Kulungile konke lokho. Kodwa, kimina, lokho kuchaza ukuthi uqhele kakhulu kangako kuNkulunkulu. Kunjalo. Lokho-kuqhela okukhulu kangako kuNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi!

130 Wazi uNkulunkulu kuphela ngesehlo. Ungeke wakufaka ngemfundo Lokhu kuwe. Kuzalwa kuwe! Kuyinto uNkulunkulu akunika yona. Imfundo ayihlanganise lutho naKho. Enye yamadoda adume kakhulu kunawo onke eBhayibhelini yayingakwazi ngisho ukusayina igama layo, uPetru oNgcwele. Kunjalo impela, yena noJohane, iBhayibheli lathi, "Babeyimifunda nje bengafundile." Kodwa kwamthokozisa uJesu ukumnika izihluthulelo kuwo uMbuso, ngoba wayomele uNkulunkulu. Amen. Omele uNkulunkulu, inhlanganyelo. Yebo, mnumzane. O, he!

131 Ngicabanga ngoIsaya, leyonsizwa, o, insizwa enhle, wayesezansi lapho ethempelini, ngoluny'usuku.

132 Inkosi edumile, futhi wabhekisa ubuso bakhe ngakuyo futhi wayecabanga ukuthi yayingenye yamadoda ayedume kakhulu kunawo onke. Okungukuthi, yayiyindoda edumile. Yakhuliswa, abazali abakahle, umama nobaba olungileyo. Kodwa ngenkathi iphuma, ezombusazwe zayo zazihlanzekile, futhi yenza izinto ngokulungileyo noNkulunkulu. NoIsaya wayibuka futhi wacabanga ukuthi yayiyindoda edumileyo, wayenza isibonelo. Kodwa unga (lokothi) ubeke-muntu, kodwa uMuntu uKristu Jesu, abe yisibonelo sakho. Wonke umuntu uyohluleka. Emva kwesikhashana, wafika endaweni; yayi—yayiyinkosi, kodwa yazama ukuthatha indawo yompristi futhi yaya ethempelini, futhi yashaywa wuchoko.

133 Wase-ke uIsaya ekhathazeka wonke, ngakho uyehla uya ethempelini futhi uqala uku—ukukhuleka, wayecabanga

ukuthi wayezokwehla bese ekhuleka isikhashana. Futhi manje, bukani, lowomuntu wayengumprofethi; kodwa ezansi lapho phakathi ethempelini kwakukhona insizwa, yayikhala kakhulu kuNkulunkulu, ngoluny'usuku, kwase kwehla umbono phambi kwayo. Futhi lapho ikwenza, yabona iziNgelosi, amaKherubi, nobuso baZo bumbozwe ngamaphiko aZo—aZo, nezinyawo zaZo zimboziwe, futhi zindiza ngamaphiko amabili. Futhi Zaziya emuva naphambili, phansi-naphezulu ethempelini, zimemeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi uNkulunkulu uSomandla."

134 Futhi uIsaya, lokho koma okukhulu ayekade enakho, mhlampe wa—wayefundiswe esikoleni. Mhlawumbe wa—wayenemfundo enhle. Wayeno—nomcabango omangalisayo wokuthi uNkulunkulu wayefanele ukuba njani. Wa—wayebazwile abapristi. Wayekade esethempelini. Wayekade ekhuliselwe ukuba yi—yikholwa, kodwa, niyabo, wayengakaze afike abonane naKho ubuso nobuso ngaphambilini. Niyabo? Wa—wayenesifiso sokwenza okuhle. Wayefuna ukuba kahle, kodwa nje wayenohlangothi lwangakwezemfundo. Wayenohlangothi lwangakwezesayense yezenkolo ngaLo.

135 Kodwa ngenkathi efika lapho ethempelini ngalolosuku, futhi wawabona lamaKherubi ebhakuzisa lamaphiko eya emuva naphambili, futhi waqonda ukuthi leziziNgelosi zazikhonza ebusweni bukaNkulunkulu. NalezoziNgelosi zazingazi ngisho nokuthi isono sasiyini, futhi, ukuma eBukhoneni bukaNkulunkulu, Zadingeka ukuthi zimboze ubuso baZo obungcwele, ukuze zime eBukhoneni bukaNkulunkulu. Khona-ke lowomprofethi wamemeza kakhulu, "Maye kimi, ngokuba ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile. Konke okwesayense yami yezenkolo, isayense yezenkolo nezinto engizifundile, konke okomcabango wami omangalisayo ebenginawo ngoNkulunkulu, sengibhekene nakho ubuso nobuso manje." Wathi, "Ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi nabantu ozindebe zabo zingcolile." Konke ukufundisa kwabo kwemithetho, nezinto ababezenzile, kwakungakaze kufinyelele kuleyondawo lapho afike khona wangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi wabona uNkulunkulu ngamehlo akhe uqobo; nomsila wengubo yaKhe, ngenkathi Ehlezi phezulu kwesiPhakemeyo, emaZulwini. Futhi yena wayelapho, ebhekene ubuso nobuso nento yangempela. Wayesememeza, "Ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abangcolileyo."

136 Futhi kwaba ngaleyonkathi lapho iKherubi lathatha khona udlawu, nelahle loMlilo ealtare, lase lithinta lezozindebe ezingcolile. Lase limphendula esuka ekubeni yigwala, noma ekubeni yindoda efundisiwe, uthisha, waya ekubeni ngumprofethi iZwi likaNkulunkulu elase likwazi ukukhuluma ngaye. Impela, eseseBukhoneni bukaNkulunkulu, Laliyinto

ehlukile. Lokho koma ayekade enakho, kwase kufinyelele kuleyondawo ngaleyonkathi, waze wagcwaliswa ngaLo.

137 Futhi ake ngikutshele, mngane, angikhathali ukuthi mangaki amabandla owajoyinayo, ukuthi mangaki amagama owafakayo, ukuthi uya ngaphi, futhi noma ngabe ufafaziwe, wabhaphathizwa, kumbe noma ngabe uyini; uze uhlangane nalowoMuntu, uJesu Kristu! Lokho, yileyonto kuphela eyokwenelisa ngempela.

138 Amadlingozi angeke akwenze; ungahle ugxume phansi-naphezulu futhi umemeze ngangokufisa kwakho, noma ungahle ugijime wehle wenyuka phansi, futhi ungahle ukhulume ngezilimi kakhulu ngangokufisa kwakho. Nalezozinto zingcwele futhi zinhle. Angisho—angisho lutho oluphikisana nalokho. Kodwa uze uhlangane nalowoMuntu, lesoSabelo esenelisayo, leyoNto ethize ethatha yonke imisipha emzimbeni wakho; hhayi ngamadlingozi, kodwa ngokweneliseka!

139 Ngangivamise ukubona isayini encane, eyayithi, "Uma womile, thana Parfay." Kwakuvamise ukuba nodrinki omncane, ngisengumfana, owawubizwa ngokuthi iParfay. Ngiyakhumbula ngiza ngehla ngomgwaqo, o, ngivela kodoba, ngangikade ngisenhla esizibeni, amanzi amadala amileyo. Futhi ngase ngithi angife yindlala, ngase ngibona isayini ithi, "Uma womile, vele uthi nje Parfay." Ngase ngiqala ukuthi, "Parfay, Parfay." Ngangilokhu ngoma kakhulu ngaso sonke isikhathi. Futhi ngi—ngi . . . Niyabo, nga—nga—ngaba kanjalo angabe ngisakwazi ngisho ukuphimisa, emva kwesikhashana, ngangome kakhulu—kakhulu.

140 Awu, niyabo, lokho ngeke kukwenze. Akukho lutho oluyokwenelisa. Angikhathali, ungaphuza okhokhakhola, ungaphuza noma yini oyifisayo, kufakwe ushukela ngamanzi anekhabhoni, kanjalonjalo, akukho okungenelisa ukoma njengapholile amahle, umgobhozo wamanzi abandayo. Ayoqeda lokho koma. Zonke lezi ezinye izinto ziyizibambiso.

141 Futhi kungani sifune ukuthatha isibambiso, ube ukhona umbhaphathizo wangoqobo kaMoya oNgcwele owenelisa yonke imithambo nokulangazelela emphefumulweni womuntu na? Bese sima ngqo ebusweni bokufa, njengomPhostoli uPawulu omkhulu wathi, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Nokuthi, thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu!" Leso yisehlo sokuzibonela, mfowethu, esenelisa lokho kuthula-du okungcwele oku . . . noma lokho koma okungcwele okukuwe. Uyakwenelisa. Awudingi kwenza noma yini olunye ngakho. Yebo, Uhlanza izindebe.

142 Futhi kukhona futhi, abantu nje abaphila phezu kwamadlingozi, phezu kwe . . . Abanye abantu bathi, "Awu, sinenqwaba yalokho enhlanganweni yethu yamaPentecostal."

Futhi bayohamba bangene, okuhle, bayombambatha izandla zabo [UMfowethu Branham ushaya ihlombe—Umhl.] futhi badlale umnyuziki. Umnyuziki ume, "sh, wewu," ibhakede lamanzi lehlela phezu kwayo yonke into, niyabo. Manje si—siyakwenza lokho, si—singene emkhubeni wokwenza lokho. Sinakho, si—si . . . Sekuba nje ngolunye lwamasiko ethu.

143 Ake nginitshele okuthize. Uma ukhonza uNkulunkulu, ngoMoya nangeQiniso, uma sekuba yi *siko* kuwe ukukwenza, ngoba ucabanga ukuthi *ufanele* ukwenze; ngoba uyacabanga, uma ungamemezi, noma ugxume uye phansi-naphezulu, noma udanse kanye nomnyuziki, umakhelwane wakho uzocabanga ukuthi uyahlubuka; uphuza emfudlaneni wamanzi amile. Kunjalo!

144 Uze ukuba Ugcwalisa yonke imithambo, uze uMoya oNgcwele uqobo lwaWo uphethuze kuwe; angikhathali noma ngabe umnyuziki uyadlala, noma ngabe badlala u *Mangisondezwe, Nkulunkulu Wami, KuWe,* kumbe noma ngabe kuyini, uMoya oNgcwele usalokhu ukhalisa izinsimbi zenkazimulo enhliziyweni yakho. Lokho kuyenelisa. Leso yiSabelo sikaNkulunkulu esenelisayo. Noma yini engaphansi kwaLokho, usuphelile.

145 Ungahle ukhulume ngolimi njengabantu neziNgelosi, ungahle unikele ngazo zonke izimpahla zakho ukuba uphe abampofu, ungahle uprofethe, ungahle ube nokwazi, uqonde zonke zimfihlakalo nazo zonke lezizinto, futhi usalokhu ungabi yilutho (abaseKorinte I 13) kuze kube yileyoNto ethize enelisayo engaqeda kuphela lokho koma.

146 "Umphefumulo wami womela uNkulunkulu ophilayo, njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi. Ngaphandle uma ngingaWuthola, ngizobhubha." Uma ufika ekulambeleni uNkulunkulu kanjalo, ikhona into ezokwenzeka. UMoya oNgcwele uzokukholela kuleyomithombo emikhulu kaNkulunkulu. Yebo, mnumzane.

147 Manje, kukhona into enhle, ukukhonza ngoMoya. Yiqiniso lelo. Kodwa ngezinye izikhathi unoMoya ngaphandle kweQiniso. UJohane oNgc. 4, wathi, "Sikhonza uNkulunkulu, uMoya neQiniso." NoJesu uyiQiniso. Kunjalo impela. Futhi UyiZwi.

148 Imigobhozo uNkulunkulu ayithumela ukwenelisa wena, kokwemvelo, uSathane uyone yonke. Ufake ilumbo elinophoyizeni kuwo wonke angangena kuye. Kunjalo. Wathatha lowomgobhozo omkhulu, webandla.

149 Leyo, leyo kwakuyindlela kaNkulunkulu. UJesu wathi, "Phezu kwaleliDwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule."

150 Manje kukhona izimpikiswano ezehlukene zalokho. Abantu bamaRoma, iKatolika lithi, "WaLakhela phezu kukaPetru." Niyabo, futhi uma lokho kuba njalo, uPetru wahlubuka,

ezinsukwini ezimbalwa. Ngakho, kwakungesiLo. Impela Alakhelwanga phezu kukaPetru, *Petra*, idwala elincane. Besekе iProtestane lithi, ukuthi, "WaLakhela phezu kwaKhe uqobo, uJesu Kristu." Kungesikho ukwehluka, kodwa ngiyehluka kubo. Akazange aLakhele kunoma yimuphi.

151 WaLakhela phezu kwesambulo sokuthi WayenguBani. Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJonase, inyama negazi akuzange kukwambulele lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu." Hhayi ngokwazi! Awukufundanga ngezincwadi. AwuKufundanga ngokujoyina ibandla. AwuKufundanga ekumemezeni. Awu . . . Kodwa uMoya oNgcwele uqobo lwaWo ulethe uMuntu kaJesu Kristu kuwe, manje-ke, "Phezu kwaleliDwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule." Lokho koma okungcwele kwenelisiwe kuMuntu kaJesu Kristu. Nakho lapho okhona. Yileyonto esifuna ukuyibheka, yenelise lokho koma ngaLokho. Kulungile, sithola ukuthi sifanele.

152 Ukwazi? O, he! Ukwazi kuyinto enkulu, esiyigcwalisayo, futhi namhlanje sigcwele khona. Kodwa niyabo, ukwazi . . . njengoba ngangisho ngoluny'usuku, ngikhuluma ngaleyondaba yokwazi. Kwakukhona umuntu wayemi ngaphandle, wayekhuluma nomngane wami emi lapho, wathi, "Uma umuntu engakholelwa emfundweni, ulifundelani pho iBhayibheli na?" Ba . . .

153 Ngacabanga, "Awu, uma bengakutholanga okwashiwo yiNkosi uJesu, bazosithola kanjani isichuse esinjengami, engikushoyo na?" Abakwazanga ngisho ukuMqonda, ecace njengoba Wayecacile.

154 Washo lapho ngoluny'usuku, "Uma ningadli umzimba, iGazi, niphuze iGazi futhi nidle umzimba weNdodana yomuntu, aninakuPhila kini." AkaKuchazanga. Wahamba waqhubeka. Kunjalo. Niyabo?

155 "Awu, bathi, "loMuntu uyizimuzimu. SiMfuna . . . ukudla umzimba waKhe, siphuze iGazi laKhe. Uyindlabantu. Niyabo Ufuna sibe yizindlabantu." Niyabo? Lezozihlakaniphi!

156 Kodwa Wathi, "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi." Niyabo, Lalizoza kwabaKhethiweyo, uNkulunkulu ayebakhethe ngokwazi ngaphambili. "Nalabo uBaba . . . Akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonsi. Nabo bonke uBaba aNgiphe bona, bayoza, bayoLiqonda."

157 Labobafundi babengenakuLiqonda, kodwa baLikholwa. Niyabo? Kunjalo. Uma niLikholwa! Ngingeziqonde izinto eziningi. NgiyaLikholwa, noma kanjani, niyabo, ngoba uNkulunkulu wathi Lalinjalo.

158 Ukwazi. Niyazi, ivangeli likaSathane lingukwazi. Benikwazi lokho na? Walishumayela ensimini yase-Edeni, kuEva, futhi wadukiswa yivangeli lakhe lokwazi. Manje, futhi usone sonke

isizwe sabantu, ngalo. Kunjalo impela. Bathathe izinhlelo zezemfundo, bazifaka ebandleni. Bonke baphandle ngqo *lapho*, kodwa hhayi eZwini likaNkulunkulu. Qhabo, mumzane. Awumazi uNkulunkulu ngemfundo. Awumazi uNkulunkulu ngo—ngo—ngokwazi ukuthi kanjani, ukufunda isayense yezibalo nokubiza amagama amakhulu.

159 UPawulu wayeyindoda ehlakaniphile. Kodwa lapho esefika kuKristu, futhi wemukela uMoya oNgcwele, waya kumaKorinte, wathi, "Angizi neze kini ngamazwi ayengayo okuhlakanipha komuntu," nakuba wayengakwenza. Wathi, "Ngiza kini ngamandla nangezibonakaliso zikaMoya oNgcwele, ukuze ukukholwa kwenu kube kuNkulunkulu, hhayi ngokuhlakanipha komunye umuntu."

160 Manje ngezinye izikhathi senza izinhlelo zebandla, babiza umelusi wabo—wabo futhi. Ibandla lihamba livotele umelusi, bathi, "Awu, lomelusi, manje, uneziqu ezimbili ekholiji. Wafunda iminyaka emine yenjulamqondo. Wathatha *lokhu, lokho,* o *kunye*." Futhi bayovotela lolohlobo lomuntu ukuba angene (ngani na?) esikhundleni somelusi okholelwa eZwini likaNkulunkulu liphefumulelwe futhi linguNkulunkulu, futhi uyoshumayela iZwi kungakhathaleki ukuthi abantu bezwa kanjani ngaLo.

161 UNkulunkulu watshela uHezekeli, niyazi, wathi, "Shumayela lokho noma ngabe bayaLikholwa noma qha. Lishumayele, noma kanjani." Niyabo? Kunjalo. Noma bayaLivuma, noma qha, akusikho lokho. Abamemukelanga uJesu. Waqhubeka ngqo, eLishumayela ngokufanayo nje. Niyabo?

162 Esikhundleni somelusi wangempela oyoshumayela iZwi ngempela futhi akholwe kuNkulunkulu, ba—ba—bazama ukungenisa ingqondo enokuhlakanipha, indoda enemfundo edlula konke; umuntu ongama epulpiti angathathi kodwa nje cishe imizuzu eyishumi nanhlanu, ukuze bakwazi ukufika ekhaya ngokukhulu ukushesha, futhi bahambe (abanye) benze enye into, noRicky akwazi ukuthola induku yakhe eshisayo bese eqala ukuphuma, futhi bangaya emaphathini etwisti nakho konke. Futhi ku, o, ku—kunje ku—akulutho olunye kuphela kungukonakala kwemfundo ebhasteliwe. Kunjalo. Lokho kuyikho impela nje. Kunjalo. Kodwa kuyini na? Kwenelisa ukunambitha kwabo, niyabo, kwenelisa ukunambitha kwelunga lebandla lezwe.

Akwenelisi ukunambitha kongcwele. Uyothatha iZwi ngaso sonke isikhathi.!

163 Kodwa bathi, "O, awu, manje labobantu uthe nje kancane ukulahlekelwa emqondweni wabo. Niyabo, nje aba, abakutholi. Ba, bazama ukuphila osukwini oselwadlula."

164 Akumangalisi na! Ngiphuma lapha eNtshonalanga, futhi ngithola ukuthi bonke bazama ukuphila osukwini oselwadlula, njalo bafuna ezinye zezinsuku zamakhawa efeshini endala. Bese ngehlela eKentucky, izinsuku zabantu basemaphandleni abayifeshini endala, bafuna ukuziphathisa okwakho, banezinhlelo zakho. Kodwa uma sekuza eNkolweni eyifeshini endala, abafuni lutho ngaYo.

165 Izinsuku eziyifeshini endala? Ngehlela lapha esikhathini somdlalo wokugibela wamakhawa, ngabona babenowesifazane omkhulu ezansi lapho, leyonto el'hlaza-tshani phansi kwamehlo akhe, nezinwele ezimfishane eziphunguliwe, usikilidi emlonyeni wakhe. Ngani, ukuba babekubonile lokho emuva ezinsukwini zakudala, babeyocabanga ukuthi wayebola kancane kancane ndawondawo. Ba, babeyo—babeyo—babeyomfaka phakathi. Ukuba-ke unyoko wayengaphuma, egqoke njengoba kugqoka wena nendodakazi yakho namhlanje, kwakungenzekani na? babeyomusa esikhungweni sezinhlanya. Impela, uphuma engagqoke-siketi. Awu, manje khumbulani, yinto efanayo namhlanje.

166 Umuntu uyabola enyameni yabo. Uma bedlula ebangeni eliphakathi nendawo lempilo, phakathi kwamashumi amabili neminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala, amangqamuzana obuchopho babo ayabola nawo. Abana . . . Abantu usefike wanjalo abanakho ukuqonda okwenele. Abazi ukuthi kusho ukuthini ukuhlonipha. Abawazi umehluko phakathi kokulungile nokungalungile. Futhi, o, nakuba, uhlelo lwabo lwezemfundo, ba . . .

167 Benazi yini, imfundo, ngingakufakazisa kini, ukuthi ingekaDeveli na? Hhayi ukufunda nokubhala; kodwa, ngiqonde, ukuba babeke imfundo yabo ebandleni lakho.

168 Bulele phezu kwani ubukhomanisi na? Isayense, imfundo, lowo ngunkulunkulu wabo. USathane, niyabo, yilokho akwethula kuEva. Yilokho abasabambelele kukho.

169 Manje sekuwelele emabandleni ethu, sekuwelele kumaBaptisti, amaMethodisti, nePresbyterian, amaPentecostal, nabo bonke. Imfundo ethize, isihlakaniphi, u *s'bani-bani* othize omkhulu nento efana nalokho, lokho nje kumphosa kumdedise kude noNkulunkulu. Akulungile. Yebo, mnumzane. Manje, siyathola, ukuthi (bona) kwenelisa isifiso sabo. Uma i—uma i—ibandla lizovotela ukuba kungene into enjengaleyo, kufike kukhombise ukuthi kukhonani emqondweni walelobandla, ukuthi isifiso sabo siyini, ukuthi ukomela kwabo kungokwani. Bafuna ukuba bathi, "Umelusi wethu unomqondo obanzi. Akanandaba uma sigeza umzimba sixubene, futhi uhamba nathi."

170 Intombazanyana yatshela uSarah wami, ngoluny'usuku. Umelusi wayo wayekade eseAfrika; futhi lapho esebuya,

yahhundula izingubo zayo, ngalobo busuku, igqoke itayiti empintshayo, futhi yamenzela umdanso iwatusi, ukumbungaza ngoba wayekade eseAfrika. IWatusi yisizwe khona laphaya, niyazi. Mfana, ngithanda ukubona enye yamantombazane ami, ebandleni lami, izama ukwenza into enjengaleyo, iwatusi?

171 Niyabo, kufike kukhombise! Nomelusi uyohlala futhi abuke enye yebandla lakhe, encane (eneminyaka eyishumi nesithupha noma ishumi nesishiyagalombili ubudala) intombazane phandle lapho ihhundule kanjalo, futhi ayivumele izedlulele nalokho, lokho kukhombisa ukuthi uvela emgodini ongcolile, yena uqobo, umuntu kaNkulunkulu enze into enjengaleyo. Impela.

172 Lokho kuzwakala kunganambitheki, kodwa ngiyaqonda ukuthi ngishumayela esizweni sonke, futhi. Kodwa niyakwazi lokhu futhi, mfowethu, dadewethu, ake nginitshele, lelo yiQiniso.

173 Inqe lifuna izinto ezifile. Kunjalo. Futhi lokho kufile! Kunjalo impela. Kukhombisa ngokucacile, kukhombisa ngokucacile nje lapha ukuthi iyini inhloko yabo nombhoshongo wabo olawulayo, ukuthi yini ebanikayo, niyabo, ukuthi yini esemphefumulweni wabo. Umphefumulo wabo ulangazelela izinto ezinjengalokho.

174 Umphefumulo wabo ulangazelela ibandla eliphakeme elinokuhlakanipha, lapho abantu begqoka kahle ngempela, nomelusi uthatha imizuzu eyishumi nanhlanu, noma amashumi amabili. Futhi uma uhamba weqe kulokho, bamdonsa bambuyisele ebhodini yabadikoni. Futhi ufanele angasho lutho ngesono. Ufanele angasho lutho ngokugqoka izikhindi, futhi angesho lutho ngabantu abenza *lokhu, lokho,* noma o *kunye*. Ufanele angakuphathi nhlobo lokho. Uma bekwenza, ibhodi izomlahlela phandle. Niyabona ukuthi kuyini na? Lelo yihluzo labo lendoda ecabangayo.

175 IBhayibheli lathi, kuJohane I 2:15, "Uma nithanda lenqubo yezwe, noma izinto zalelizwe, kungenxa yokuthi uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini."

176 Manje kuthiwani ngakho konke lokhu okuqhubekayo abakwenzile namhlanje, egameni lebandla; bezejwayeza ukudansa okuyisikwele ebandleni, ukuwaka, ibingo umdlalo wamakhadi ayizikwele, amaphathi, umdanso wentsha wokuzibinya, amatwisti, zonke lezizinto! Bukani loElvis Presley, udeveli emi ngezicathulo! UPat Boone, uRicky Nelson, isibambezelo esikhulu kunazo zonke lesisizwe esake saba naso! Kunjalo. Bathi, "O, bakholwa ngempela, bacula amaculo obuKristu." Bekungafanele kwenziwe, ibandla belingafanele ngisho nokuyivumela into enjengaleyo! Abanye balaba abafo baphumela phandle lapha, futhi—futhi kulobubusuku base—sehhotela labahamba ngomgwaqo phandle lapha, bedansa futhi bedlala umnyuziki nakho konke, kuthi ngobusuku

obulandelayo beza ealtare futhi bakhale izinyembezi, kuthi ngobusuku obulandelayo badlala umnyuziki emsamo. O, bakithi, sihawukele! Kungaze kufikephi ukungcola, bekuyoze kufikephi kanti ukungcola, empeleni na? Yebo, mnumzane. Akazifakazise kuqala ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu, hhayi yonke lento ngoba nje uyakwazi ukushaya isiginci esidala noma enye into.

177 Ngesifiso sakho, ungakwazi ukusho ukuthi ubani osesihlalweni sobukhosi senhliziyo yakho. Ngalokho okuthandayo, yilokho okushoyo. Wena, wena uthi, "Awu, ngicabanga ukuthi lezozinto zonke zilungile, Mfowethu Branham." Awu, khumbula nje manje, enhliziyweni yakho, uyazi ukuthi kukhonani lapho. Yebo, mnumzane. Ngalokho okondla umphefumulo wakho, lokho umphefumulo wakho okomelayo, futhi ungakubona kwenelisa lokho; uma kungesilo leliZwi, khona-ke kukhona okungalungile, ngoba uMoya oNgcwele uphila ngeZwi kuphela. Niyabo?

178 Ngifuna nibone enye ingozi enkulu, ngaphambi nje kokuba sivale, uma unge—uma ungenacala lanoma yiyiphi yalezizinto esengizithintile, futhi, ingukuthi, ingozi yokudebesela ukoma. Niyabo? Wena uthi, "Nginokoma okungcwele. Kodwa a—anginacala, Mfowethu Branham, lokuhamba nje futhi ngijoyina ibandla, nezinto ezinjengalokhu." Kodwa, niyabo, ukudebesela ukoma! Uma ukudebesela ukwenelisa ukomela amanzi noma ukudla, uzofa. Futhi uma ukudebesela lokho komela okukuwe, uNkulunkulu, uzofa ngokomoya.

179 Ubiza izimvuselelo, ulindela ibandla lakho ukuba libe nemvuselelo. Awu, leyo aku—leyo akusiyo imvuselelo yakho. Imvuselelo ibifanele iqale phakathi kuwe ngqo, uma uqala ukomela uNkulunkulu. Lingahle lingabibikho elinye ilunga, lebandla, elifuna leyomvuselelo. Uma ibhoboka phakathi kuwe, iyobhoboka kwezinye izindawo. Niyabo? Kodwa, niyabo, udebesela lokho koma.

180 Udebesela ukusenga inkomazi, uma inkomazi i. . .umbele ugcwele ubisi; futhi uma udedela leyonkomazi ihlale kanjalo, izosha ubisi. Kunjalo impela. Uma udebesela ukuphuza amanzi, uthi, "Ngeke ngisaphinda nje ngiphuze," uzofa. Udebesela ukudla ukudla, uzofa.

181 Ngakho uma udebesela ukunika uMoya oNgcwele iZwi likaNkulunkulu, uzofa.

182 Nina maKristu, nina maBaptisti, maMethodisti, maPresbyterian, maPentecostal, ma-Assemblies of God, bakaMunye, bakaMbili, bakaMthathu, noma ngabe niyini, niyabo; angikhathali; lokho akundaba ngalutho kimi. Angicabangi ukuthi kunendaba kuNkulunkulu. Niyabo, unguwe ngawedwa, ungubunye. Awusoze waya eZulwini njengebandla, i—i—ihlelo. Uyoya eZulwini njengomuntu oyedwa zwi, phakathi

kwakho noNkulunkulu. Yilokho kuphela. Angikhathali ukuthi usonta kuliphi ibandla.

183 Futhi uma udebesela ukufunda iBhayibheli nokukholwa iBhayibheli, noMoya oNgcwele ukuzondla ngaLokho, uzofa. UJesu washo kuJohane oNgc. 4:3; umBhalo nginawo khona . . . UJesu washo ukuthi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke," hhayi nje ingxenye yaLo.

184 Sithatha okuncanyana *lapha*. Lokho ngikubiza ngomceli wamalifti eBhayibhelini. Bathi, "Awu, ngikholowa yi *Lokhu*, kodwa manje asiwelele *lapha*, niyabo." Niyabo?

185 Ufanele uLithathe, iZwi ngeZwi. UJesu wathi, "Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Benikwazi lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

186 Futhi, niyazi, senze—senze usuku esiphila kulo, se—senze lolusuku i . . . i—i—impendukezela yezenkolo.

187 Indodakazi yami yangishayela ucingo, esikhathini esingeside esedlule, yase ithi kimi, "Baba," ohlangothini olulandelayo lwendlu, yathi, "woza ngapha, sizoba nohlelo lwezenkolo oludlalayo." Kwakungukucula, ukucula amahubo, futhi kwakukhona uRicky othize omncane ekufunda phezulu lapho. Futhi uma ngake ngabona inhlangano ehlambalaza okungcwele, kwakuyileyo! Labobafo phezulu lapho, nabantu, kwakubukeka kakhulu sengathi kwakungumbungazo odlalwa phansi. Kwakungathi yisizwe samaNdiya, futhi babeqhubeka, futhi—futhi bagxume baye phezulu futhi bashayane ngesibhakela.

188 Kuphi, yini ehambe nobuqotho, liphi lawomahubo ayifeshini endala esasivame ukuwacula, futhi sithokoze eMoyeni kaNkulunkulu, nezinyembezi zehle ezihlathini zethu na? Futhi manje sizama ukubamba ukuphefumula kwethu size singabe sisaba nakho ukuphefumula okwenele kithi, ubuso bethu buze buphenduke bube l'hlaza-s'bhakabhaka, ukuzama ukukhombisa ukuthi siwuhlobo oluthize lomculi. Niyabo, sikukopishile lokho kwiHollywood, nazozonke lezizinhlelo esizibonayo ngalokhu ukucula amahubo okuhlakaniphile nokuqeqeshwa kwephimbo. Ngi—ngithanda ukuzwa ukucula okuhle; ngithanda ukuzwa okuyifeshini endala enhle, okuzwakala enhliziyweni, ukucula kwepentekoste. Kodwa impela ngiyakuzonda ukuzwa lokho kunswininiza abakubiza ngokuthi ukucula, namhlanje. Kunjalo. Ngicabanga ukuthi lokho kuyinto engubuthutha kakhulu impela. Kuyimpendukezela. Kunjalo.

189 Ngithanda ukubona indoda uma iyindoda. Ngiyakuzonda ukubona leyo egqoke izingubo zomkayo zangaphansi phandle lapha, futhi ishelela eceleni; ne—nerola lilenga lapha ngaphambili, neziyingi ezimbili zezinwele zilenga

zibheke phansi njengemiyeko, zinqunywe ngaphambili. Lokho, bengi-bengingeke ngikubize ngendoda lokho. Akazi ukuthi ungowangakuluphi uhlobo. Niyabo? Kunjalo. Uyabo owesifazane, buka, owesifazane uzama ukuzigunda, enze izinwele zakhe zibe njengowesilisa; owesilisa uzama ukwenza izinwele zakhe, imiyeko, njengowesifazane. Owesilisa ugqoka izingubo zomkakhe zangaphansi; yena ugqoka iovaloli yakhe. Niyabo, impendukezela nje, ndawo zonke.

190 Futhi leyo yinto efanayo ngesizwe, ngabantu, ngamabandla, ngakho konke. O Nkulunkulu! Kuphi ukuphela kwento na? UkuFika kweNkosi uJesu Kristu, yilokho ukuphela kwakho.

191 Ngakho, uma udebesela ukondla uMoya oNgcwele ngeZwi likaNkulunkulu! UJesu wathi, "Onke amaZwi ayoba ngoMoya oNgcwele." Futhi lalelani manje. Uma uzama ukuWondla ngento engalungile, uma UnguMoya oNgcwele wangoqobo ophakathi kuwe, Uyowazi umehluko. Manje, khumbulani, iZwi likaNkulunkulu liyilokho uMoya oNgcwele ozondla ngakho. Awuzondli ngomdlandla. Awuzondli ngemfundo. Awuzondli ngokuya esontweni. Awuzondli ngamasayense ezenkolo. Kunenqwaba yomehluko phakathi kwento ethize ephefumulelwe ngeso lokubuka ngezesayense yezenkolo yayo.

192 Bonke labo osiyazi bezenkolo ngezinsuku zikaJesu, he, babenezwi nezwi, ikhasi nekhasi, konke kwenekwe kahle, uMesiya wayefanele afike *ngale* ndlela! Kwakuyilokho impela. Futhi bona, bonke, bakugeja. Niyazi ukuthi uJesu wathini ngenkathi Efika, wathi, "Nina ningabakayihlo uDeveli, futhi niyokwenza imisebenzi yakhe."

193 Kwakungembuliwe kubo ukuthi iZwi langempela laliyini. Niyabo, bawageja lawomakhona amancane, njengoba bewageja namhlanje. "Uma uzoba ku *leli* futhi ube ku *leli,* uzoba kahle." Ningakukholwa lokho. Ufanele ube ngokaKristu. Futhi uma ikhona Into ethize ephakathi kuwe, ilambela uKristu!

194 Khumbula nje, ngenkathi usesokhalweni lukayihlo, wawunaye ngaleyonkathi. Kodwa uyihlo wayengakakwazi ngaleyonkathi, futhi wawungamazi uyihlo. Futhi wafika futhi wazalwa. UNkulunkulu wenza indlela ngonyoko, abe ngu—ngumbhede wembewu, yase iyafika-ke. Wase-ke uba ngowesilisa noma owesifazane, noma ngabe kwakuyini, wase-ke uyamqonda uyihlo, noyihlo ukuze akwazi ukuhlanganyela nawe.

195 Manje, khumbula, uma unokuPhila okuPhakade, ukuPhila kwakho kwakukuNkulunkulu ekuqaleni. Futhi, ukuPhila, uNkulunkulu uyiZwi. Kwase kuthi-ke ngenkathi iZwi lenziwa inyama kuJesu Kristu, uNkulunkulu ehla ukuzokwakha emzimbeni waKhe uQobo, wazenza Yena waba yiNdodana kaNkulunkulu. Ngenkathi uNkulunkulu ehla ukuzokwakha kulokho, wena wawukuYe ngenkathi Ebethelwa. Futhi wabethelwa naYe, futhi wafa naye eKalvari. Wembelwa naYe,

entabeni. Futhi wavuka naYe, ekuseni ngePhasika. Futhi manje usuhlezi kanyekanye ezindaweni zaseZulwini, kuYe, futhi manje usunenhlanganyelo naYe. Niyabo?

196 UNkulunkulu uqobo lwaKhe uba ngomunye wethu. "Akekho oke wabona uBaba, noma ngasiphi isikhathi, kuphela Ozelwe yedwa ka (iNdodana) Baba uMbonakalisile." Lokho kungukuthi, uNkulunkulu waba ngumuntu, ukuze Akwazi ukuhlanganyela nawe njengomuntu. Niyabo? Futhi manje usuyi—usuyinyama, naye Uyinyama. UNkulunkulu wenziwe inyama phakathi kwethu, kuMuntu weNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Futhi kuYe kwakukhona uNkulunkulu. WayenguNkulunkulu, akukho okusilele kukaNkulunkulu. WayenguNkulunkulu. "UNkulunkulu wazibonakalisa eNdodaneni, uJesu Kristu," okwaMenza u*Emanuweli,* njengoba umprofethi wathi Wayezoba nguye.

197 Manje niyabo, manje-ke, wafanele ukuba ubekhona ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe, igama lakho lafakwa eNwadini yokuPhila yeWundlu. Futhi manje-ke yini ongayidla na? UMoya oNgcwele uphila ngeZwi likaNkulunkulu. Futhi manje eSambulweni 22:19, iBhayibheli lathi, "Oyosusa iZwi elilodwa ku *Leli*, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila." Niyabona ukuthi kujule kangakanani? Ungeke, uMoya oNgcwele ngeke waphila ngezinto zezwe.

198 Njengejuba inyoni negwababa. Igwababa lingumzenzisi omkhulu. Igwababa, lowomfo angaphuma lapha futhi angadla ukolo usuku lonke; futhi awelele lapho futhi andizele kuso, isidumbu esidala, asidle naso. Angahlala ensimini futhi angadla kanye nejuba, ukolo, bese eyawela futhi adle isidumbu esifile.

199 Kodwa ijuba lingadla ukolo usuku lonke, kodwa ngeke ladla isidumbu esifile, ngoba liyijuba. Futhi ijuba alinanyongo. Ukudla kanye kulesosidumbu esifile, kungalibulala ijuba. Niyabo, alinanyongo. Futhi yileyondlela eliyiyo, akukho ukubaba.

200 Futhi kungaleyondlela kowangempela, umKristu wangoqobo. Abazifuni izinto zezwe. Badla nje iZwi likaNkulunkulu, futhi Lelo lodwa; lokho okuhlanzekile, iHluzo lendoda ecabangayo. Niyabo, bedlula kuLelo, futhi Lelo lodwa. Izinto ezifile zezwe, kuyanuka kubo.

201 Bukani igwababa elidala ngezinsuku zokubhujiswa komhlaba ngozamcolo, lindiza lisuka emzimbeni liya emzimbeni, lidla lezozidumbu ezindala, alibuyelanga emkhunjini. Kepha ijuba alifumananga ukuphumula kwezinyawo zalo, niyabo, libuyela emkhunjini lapho elalithola khona okusanhlamvu. Futhi yileyondlela esiyenzayo. Siphila ngeZwi likaNkulunkulu.

202 EmaHubweni 42. UDavide kufanele ukuthi wabhala leliHubo, amaHubo 42, ngenkathi engumhambuma, ngenkathi ethi, "Umphefumulo wami womela Wena, njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi." Bukani, wakhala. UDavide wayengumhambuma. Wayekade e . . . Wayenamafutha okugcoba kuye, wayazi ukuthi wayezoba yinkosi. Umprofethi wayemgcobele ukuba yinkosi. Manje qaphelani, futhi wayelapho, wayenesigejane esincane samasosha, enziwe ngabeZizwe, kanjalonjalo, wayesesiqongweni sentaba. Lapho, umuzi wakubo uqobo othandekayo, ngenxa yesono sabo, babekakwe ndawo zonke ngamaFilisti. NoDavide, ngalolosuku olushisayo, kufanele ukuthi kwaba ngalenkathi lapho ebhala leliHubo, "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi."

203 Qaphelani uDavide ekulesisimo. Wabuka ezansi, wabuka umuzi wakubo othandekayo. Futhi wakhumbula ngenkathi esengumfanyana, wayevamise ukukhipha izimvu ngakulesisiziba esithize lapho. Kwakuyizwe elinamanzi kakhulu, kakhulu, kanjalo nezwe lesinkwa, ezansi lapho. Ngempela, ukuthi *Betlehema* kuchaza "indlu yeSinkwa sikaNkulunkulu." Kwase kuthi-ke ngenkathi uDavide ekhumbula ehamba ngapho futhi ephuza lawomanzi amnandi apholile, futhi lapha wayelele enhla lapha manje, umhambuma, kude nabantu bakhe uqobo. Wayengenandawo ayengaya kuyo, nomphefumulo wakhe ufanele ukuthi wawukhalela lawomanzi amnandi apholile.

204 Wayenezinye izinceku lapho eza, he, nje esincane sesifiso sakhe sasingumyalo. Futhi za, ezintathu zazo, zalwa zafohla indlela yazo kulowomugqa wamaFilisti; amamayela ayishumi nanhlanu, amamayela ayisikhombisa, noma enye into, ezansi zaphinde zabuya; zicaba indlela yazo, zase zimbuyela nesiphuzo salawomanzi. Kodwa umphefumulo womile . . .

205 Umzimba wakhe, wayesenhla lapho, mhlawumbe waze waphuza kunoma yini ayengayithola, izikhumba ezithile ezindala zezimbuzi nezinto, ezinamanzi athize amadala ashisayo kuso, ngalolosuku olushisayo. Wacabanga, "Uma nje bengingake ngithi cu ngesisu bese ngiqeda lokhu ukoma enginakho! Ukuba nje bengingehlela lapho eBetlehema bese ngithi cu ngesisu ngakulesosiphethu, bese ngiphuza!"

206 Futhi ngenkathi behla futhi bathola amanzi, base bebuya nawo, ukoma komphefumulo wakhe kwakukhulu kakhulu, kungenganxa yeBetlehema, kodwa eJerusalema; umphefumulo wakhe wawunjalo. Ngakho wanikela ngamanzi, wathi, "Ngeke ngize ngiwaphuze ngisho." Wawathululela emhlabathini. Niyabo, umphefumulo wakhe wawomele kakhulu uNkulunkulu, kunoma wawunjalo ukwenelisa ukuqeda okumnandi . . . ukoma kwakhe komzimba wakhe, ngamanzi amnandi apholile. Wawathululela emhlabathini.

207 Niyabo, iNdlu kaNkulunkulu, amanzi apholisa umphefumulo aseJerusalema, eliphezulu! UJesu wathi, kuJohane 6:33, "NgiyiSinkwa sokuPhila. NgiyiSinkwa sokuPhila." *Betlehema,* "indlu kaNkulunkulu," ibandla lethu, ibandla likaNkulunkulu lasemhlabeni, ibandla elilapha emhlabeni. Siyathanda ukuya ebandleni lapha emhlabeni, kodwa elikhulu kakhulu yiJerusalema, eliphezulu, elinguNkulunkulu. IJerusalema ngaphezulu, elinguNkulunkulu! Kukhulu lokho koma komphefumulo, ukuba lapho kanye naYe, kunoma bekungaba khona ukuba nje uzenelise wena ngokujoyina ibandla ndawo ndawo. Niyabo, ukujoyina ibandla akukwenelisi lokho koma. UDavide wakufakazisa lapha, amanzi avela ngqo endlini kaNkulunkulu, niyabo, wawathululela emhlabathini; ukufumana umusa, ukuthola esimnandi isiphuzo esipholile esivela kuNkulunkulu. Ngisho nakulokho . . . Okukhulu kunokoma okukuwe, yilokho koma kokomela uNkulunkulu komphefumulo.

208 Qaphelani iJerusalema, igama. "IJerusalema livela phezulu," iBhayibheli lasho, "thina esi . . . linguMame wethu sonke." NoKristu unguMame wethu. Siyaqonda ukuthi uNkulunkulu unguMame wethu, ngokuba sizalwa nguYe. Igama kalula nje lichaza "ukuthula," Jerusalema, *Shalom*. Noma, *Shalom*, okuchaza "ukuthula," Jeru-shalom, niyabo, kuchaza "ukuthula."

209 Okukhulu kakhulu kufanele kube ngukoma kwanoma yimuphi umphefumulo, kwamanzi okuPhila, kunokuba uthi ungowebandla; ukoma komphefumulo ngeke kweneliseka, ukoma kweqiniso kwangempela. Kungaphendukezelwa. Unga *cabanga* ukuthi ukahle uma ujoyina ibandla, kodwa lokho akusiKho. Lokho ngeke kwenelisa ukomela uNkulunkulu okungcwele kwangoqobo. Impela nje ngeke kwakwenza. Nje ku . . . Nje akukho lapho.

210 Manje uDavide wathi, emaHubweni 42:7 lapha, "Uma utwa lubizana noTwa, ekuhlokomeni kwezimpophoma zaKho," ukubiza komphefumulo.

211 Bukani, bengikusebenzisa kaningi lokhu njengokuchaza ngokufanekisa. Uma kukhona isigwedlo emhlane wenhlanzi, sadingeka ukuba sibekwe lapho ukuze ikwazi ukuhlamba ngaso. Inesidingo salokho. Manje ukuba-ke ibizothi, "Ngizoba yinhlanzi eyehlukile. Ngizoba ngehlakaniphile, inhlanzi efundile. E-e, ngi—ngizoba nje . . . Ngizokholwa enye isayense yezenkolo ngempela! Ngikholwa ukuthi angidingeki ukuba ngibe nalesosigwedlo"? Ibingeke ihambe indawo ende kakhulu emanzini, ibizohamba na? Futhi kunjalo impela.

212 Ukuba-ke isihlahla besithe, "Manje, ngiyazi kufanele kube nomhlaba kuqala, ukuba ngimilele kuwo. Kunjalo. Ngifanele ngimilele lapha. Kodwa ngizoba yisihlahla esehlukile, ngifuna

nje ukuba bangihlalise lapha phakathi nomgwaqo, ukuze ngiqapheleke na?" Niyabo, besingeke siphile isikhathi eside kakhulu. Niyabo? Kunjalo.

213 "Uma utwa lubizana noTwa." Kuthatha okungaphezu kokujoyina ibandla. Kuthatha okungaphezu kokuxhawulana nomshumayeli. Kuthatha okungaphezu kokuphila enhle, impilo eqondile. Kuthatha into ethize ukwenelisa ingaphakathi lakho, okuthululwa kwehle kuvela kuNkulunkulu, kungene emphefumulweni. "Utwa lubizana noTwa, ekuhlokomeni kwezimpophoma zaKho, O Nkosi. Utwa lubizana noTwa!"

214 Hlobo luni lokoma ebesingacabanga ukuthi belukithi kulobubusuku na? Thina, njengabantu bamaPentecostal, sifinyelela kuphi na? Hlobo luni lokoma olukithi na? Hlobo luni lokoma olukimi na? Hlobo luni lokoma olukini na? Ningazami ukuthulisa-du lokho komela uNkulunkulu okungcwele.

215 Eminyakeni eyadlula, ngenkathi bevamise ukuba negolide phandle lapha ezintabeni. Ngafunda indaba, eminyakeni eminingi eyedlula, ihlala njalo ingixaka. Yayithi kwakukhona u—umhlwayi owaphumayo lapha ngaleya kwezintaba lapha, futhi wayehlwaya igolide, futhi wazithela esiqintini esicebile. Futhi uyabuya, ecabanga; ukuthi uma esefika edolobheni, ukuthi uyoba yini, izinkathazo zakhe yase iphelile. Futhi—futhi wa—wazama uku—ukuthi, "Kusasa ngizongena futhi ngizo . . . " Uhambo losuku olulodwa nje, uyobe esesedolobheni, futhi uzoba negolide. Futhi wayenesaka elikhulu ligcwele lona.

216 Wayehamba nenja. Kungesikho ukuqhathanisa manje inja noMoya oNgcwele, kodwa njengoba ngenza ukufanekisa. Kodwa lenja . . .

217 Ubusuku bonke, umhlwayi wacambalala embhedeni wakhe, wase—wase eqala ukucabanga, "Manje, kusasa ngizo—ngizofaka lonke igolide lami, futhi ngizoba yilokhu nje ebengifuna njalo ukuba yikho. Nga—nga—ngangifuna njalo ukuba yisicebi. Nga—ngangifuna ukuba nezinto zami ezinhle, kanjalonjalo."

218 Kwase—kwase kuthi-ke lenja iqala ukukhonkotha, futhi ngoba kwakukhona isitha esasisondela. Futhi wa—waphumela lapho, wayesethi, "Thula!" Futhi ngakho inja yathula. Futhi wathi nje engakaqedi ukubuyela embhedeni, waqala sengathi wayezokwezela, nenja yaqala futhi, nje igxuma eketangweni. Wayeseya emnyango futhi, wathi, "Thula! Ngifuna wazi ukuthi kusasa ngiyisicebi, uyabo," futhi lokho kwakungamaphupho akhe amakhulu. Kodwa inja yaqala ukukhonkotha futhi.

219 Futhi ekugcineni, wadumazeka kakhulu enhliziyweni, wahamba wase ethatha isibhamu sakhe ingebe wase eyidubula inja, futhi wayibulala. Wathi, "Angisezukukusebenzisa, empeleni. Kusasa ngiyisicebi. Ngizoba yisicebi, kusasa."

220 Wase ebeka isibhamu phansi ekhoneni, wayesefulathela umnyango, walala. Nendoda yayikade imlandela, izinsuku,

yangena ngesinyelela yase imbulala. Wayengesiso isicebi, niyabo, wayithulisa leyonsimbi exwayisayo ensenenezayo eyayizama ukumtshela ukuthi impilo yakhe yayisengozini.

221 Futhi, mfowethu, dadewethu, awusoze wakwazi uku... Ungazami neze ukuthulisa-du lokho kubiza okungcwele enhliziyweni yakho, uyabo, ngokujoyina ibandla, ngokusho ngekhanda isivumokholo, ngokuba ngowenhlangano ethize.

222 Yinye kuphela into engenelisa, lowo nguMuntu, uJesu Kristu. "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, kanjalo umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu. Umphefumulo wami womela uNkulunkulu ophilayo!" Uyabo, kukhona okukuwe, okufuna ukubona ukunyakaza kukaNkulunkulu. Umphefumulo wakho womela Khona. Ungavimbi lutho olungaphandle kwaLokho.

223 Ungavumeli umelusi othize akutshele, "Ufanele nje uxhawule isandla sakhe, ujoyine ibandla, noma ube ngowa *le* nhlangano." Ungakubulali lokho kuthula-du okungcwele. Kuyakwexwayisa. Oluny'usuku luyofika lapho uyokwehlela ekupheleni komgwaqo.

224 Njengenenekazi elincane edolobheni lakithi esivela kulo. Latshela u...Intombazanyana yenyukela lapho esontweni, futhi intombazanyana enhle ngempela. Futhi yayiza yehla ngomgwaqo. Yayinezinwele ezinde, niyazi, nezinwele zayo zidonswe zabhekiswa emuva njengokwesuleka ko anyanisi ocwecwiwe, cishe, nobuso bayo babubukeka...bungapendiwe. Nalentombazane yayivamise ukuhlekisa ngayo, yathi, "Uma ubungenaye lowomshumayeli onekhanda eliyisicaba eninaye phezulu lapho," ikhuluma ngami, yathi—yathi, "ubungabukeka njengento ethize ehloniphekile. Kodwa ubukeka njengento ethize ephuma esitolo sasendulo." Futhi, o, yavele nje yayihhala phezu kwamalahle, ngasosonke isikhathi uma iyibona ikanjalo. Yathi, "Umelusi wethu unomqondo obanzi." Yathi, "U—u—uyabazi. Lokho, yingani wenza kanjalo na? Lokho akuthi shu, ukuthi ugqoka kanjani noma ucabanga kanjani." Kuyasho! IBhayibheli likaNkulunkulu lithi kuyasho. Siyophila ngawo onke amaZwi!

225 Ngakho lentombazane encane ayizange iyinake nakancane, yaqhubeka. Isiyisithunywa senkolo manje.

226 Ngakho manje-ke le—lentombi yangenwa yisifo samasoka, futhi yafa. Umngane wami wafutha uketshezi lokugqumisa kuyo ngenkathi ifa. Wangitshela, wathi...Emva kokuba isifile, wayelokhu eluzwa lunuka uketshezi. Yayinembobo edlekayo kuyo eceleni, isifo samasoka. Abazange ngisho...Ngisho abazali balyo babengazi ukuthi kwakuyini eyayingalungile kuyo. Futhi yafa. Kodwa ngaphambi kokuba ife...

227 Yayifundisa uSonto sikole. Nalo lonke iqembu elincane likaSonto sikole langena, babefuna ukuyibona ngenkathi isuka

iya eZulwini, iziNgelosi zifika ziyithwala zihamba nayo. Nomelusi wayo ngaphandle, ebhema usikilidi, ehla-enyuka ehholo esibhedlela. Futhi bonke babezocula ngenkathi isizofa, niyazi. Babazi ukuthi yayizofa. Odokotela bathi yayifa, ngakho bonke babezobona iziNgelosi zifika, ziyithwala zihamba nayo.

228 Futhi khona-manjalo, ngenkathi isibhekene nobuqiniso! Manje, yayiyilunga lebandla elethembekile, yayinguthisha kaSonto sikole, nelunga lebandla elethembekile lebandla lehlelo elikhulu elihle. Kodwa ngenkathi isiqala ukuzabalaza, ukufa kwayishaya; amehlo ayo aqhunsuka, futhi yathi, "Ngilahlekile!" Yathi, "Ngilahlekile! Hambani, nilande umelusi!"

229 Wacisha usikilidi wakhe, wase engena, wathi, "Ngilapha, ngilapha! Ngilapha, ngilapha! Sizothola udokotela ukuba akunike umjovo ihayipo."

230 Yathi, "Angifune-hayipo." Yathi, "Wena mdukisi womuntu! Ngiyafa, futhi ngiya esihogweni. Futhi ngilahlekile ngoba wena wehluleka ukungitshela iQiniso. Hamba ulande leyontombazane ewuGooduse encane, futhi niyikhuphulele lapha kimi, ngokukhulu ukushesha. Iqinisile."

231 Linda uze ubhekane nobuqiniso kanye. Ungazami ukumisa lokho kuthula-du okungcwele. UngaKuqhumisi ukususe ngethize yesimodeni, yemfundo, ingebe enemibhobho emibili. Lalela kulesosexwayiso sikaMoya oNgcwele, kulobubusuku, okwexwayisayo, "NgiyiNdlela, iQiniso, nokuPhila; akekho oza kuBaba, ngaphandle kwaMi." Futhi UyiZwi.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

232 Ngisafuna ukucaphuna elinye futhi iZwi leNkosi uJesu, nisacabanga ngakho. UJesu wathi, kuMathewu 5, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga." Kubusisiwe ngisho ukuba nalokho koma kuwe. Ngabe senifike endaweni lapho yonke inqubo yenu—yenu—yenu yonke seyoniwe kakhulu ngubuhlelo, nezinkoloze ezincane nabozalo, nezinto, izimiso zamasonto ezincane, ezomphakathi, njengokujoyina amadlangala, kanjalonjalo, nisuka ebandleni niya ebandleni na? Ngabe uDeveli ukwazile ukuba afake lawomanzi okonakala, futhi nikapakela kuwo, njengengulube ehhokweni na? Kanti, anazi ngisho nokuthi kuyini ukuqeda ukomela uNkulunkulu kwangempela; ukuMbona, ubuqiniso, ngoMoya oNgcwele uphila kini, futhi ubonakalisa. Uma ni—uma ningaleyondlela kulobubusuku, uma nisamomele uNkulunkulu, ake nginitshele:

Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi.
Elimuncwe emithanjeni kaImanuweli,
Lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
Lisuse lonke ibala labo lecala.

Lelosela elalifa lajabula ukubona
LowoMthombo ngosuku lwalo;
Nami mangibe lapho, nakuba ngenyanyeka njengalo,
Ngihlanzwe zonke izono zami.

Selokhu kwasukela ngokukholwa ngawubona lowomfudlana
Ovezwa yizilonda zaKho ezichichimayo,
Uthando oluhlengayo beluyindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

233 Uma unalokho koma kulobubusuku, ukwazi kabanzi ngoNkulunkulu, nokuza usondele kakhulu kuYe, ungasiphakamisa nje isandla sakho manje onke amakhanda esakhotheme, uthi, "Ngikhulekele." O Nkulunkulu, awubheke izandla!

234 Ngaphandle ezweni lapho ukusakaza kuza khona manje, eMpumalanga, eNyakatho, eNtshonalanga, naseNingizimu, nina enisemakamelweni, phakamisani izandla zenu kubelusi nanoma yini elapho, ukuthi isifiso sakho; wena, into ethize ekuwe, yomela uNkulunkulu. Lokho koma okungcwele!

235 Ungakwenelisi. O, wena uthi, "Mfowethu Branham, nga—ngake ngamemeza kanye. Ngasina eMoyeni." Unga, unga, ungakuthathi lokho. Qhabo.

236 Linda kuze kufike lokho kweneliseka, iSabelo sokweneliseka sokugcwala kukaMoya oNgcwele singene, bese kuthi lezizinsimbi zokujabula kokumemeza, nokukhuluma ngezilimi, nokusina eMoyeni, zizofika. Awuzukudingeka ukuthi ukwenze ngomnyuziki. Uzokwenza uma wehla ngomgwaqo, emotweni yakho. Uzokwenza uma ushanela phansi. Uzokwenza uma ushayela izipikili obondeni, ngomsebenzi wakho wokubaza. Noma ngabe ukuphi, leyoNjabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo.

Manje asikhuleke.

237 Baba waseZulwini othandekayo! Omude, oyindendende, odonsile, lomlayezo omncane kulobubusuku, kodwa Nkulunkulu oThandekayo, kwangathi uMoya waKho oNgcwele ungethula i—incazelo kuyoyonke inhliziyo. Kulo impela lelibandla, kulobubusuku, kubekhona nje izinombolo eziphindaphindiwe zezandla eziphakeme, kuyo yonke indawo ukuzungeza amahholo nasezindaweni zonke. Si—siyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, sikhulekela bona. O, kwangathi lesoSabelo esenelisayo sikaNkulunkulu, esinguKristu, iThemba leNkazimulo, iThemba lokuPhila kini, kwangathi Lingeza kulowo nalowo wabo.

238 Kude le ngaphandle esizweni sonke, ukusuka eCalifornia, enhla le eNew York manje, lapho khona okusesekuseni ekuseni, balalele enhla lapho; kuwelele e—eNew Hampshire, futhi

kwehlele ngaseBoston, nakuyo yonke indawo kwehlele eTexas, kwedlule eIndiana, kuphumele eCalifornia, nanxa zonke. O Nkulunkulu, buka lezozandla; buka ukuthi kukhonani ngaphansi kwazo, Nkosi, leyonhliziyo lapho elambayo neyomayo.

239 Lolusuku oluphendukezelwe, lapho uDeveli ephuphuthekisa khona amehlo abantu, ukujoyina ibandla nje, futhi uthi, "Yilokho kuphela enikudingayo." Futhi basalokhu bezibuka bona uqobo futhi babone indlela abenza ngayo, nesifiso abanaso sokufana nezwe.

240 Kanti, iBhayibheli liyasitshela, "Uma sithanda ngisho izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kithi."

241 Cabanga nje, Baba, ukuthi uphendukezelwe kanjani ukuthi angenza leloZwi leqiniso langempela, ukuthi bangasho kanjani ukuthi, "O, siyalikholwa iBhayibheli, kodwa hhayi *Lokhu*. Asikukholwa *Lokhu*. Sikholwa ukuthi *Lokhu* kwakungokomunye unyaka. Sikholwa ukuthi *lokhu* yi *Lokho*," ngoba elinye ihlelo lisonte izingqondo zabo zangena kulowomgodi wokungcolileyo.

242 Kanti, uJesu wathi, "Oyosusa iZwi elilodwa ku *Leli*, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila."

243 Nkulunkulu othandekayo! Cabanga ngezindumalo lapho ekwaHlulelweni, lapho abantu ephile enhle, ehlanzekile, impilo engcwele, baya esontweni ngokwethembekileyo ngawo onke amandla abo, futhi balahleka.

244 Cabanga ngalabo baFarisi, kanjani, kusukela besengababafanyana, baqeqeshwa eZwini, bakhuphuka bedlule ezikoleni nakho konke, bengcwele (babefanele, kungenjalo babengakhandwa ngamatshe bafe), noJesu wathi, "Nina ningabakayihlo uDeveli."

245 Ukuthi uIsrayeli wehlela kanjani lapho! Futhi lokhu makube yisexwayiso kumaPentecostal, Nkosi, ezweni lonke. Ukuthi uMose waba kanjani, umprofethi, wehlela eGibhithe, ukugcwalisa iZwi likaNkulunkulu, ukuletha ukukhanya kwakusihlwa kubo! Ukuthi babezibone kanjani izimangaliso ezinkulu zikaNkulunkulu! Ukuthi bamlandela kanjani, bawela uLwandle oluBomvu, wabhaphathizelwa kuye, bayongena ehlane futhi badla ukudla kweziNgelosi okwehla kuvela eZulwini. Base-ke benqaba ukuthatha lonke iZwi, lapho sebebuya bevela eKadeshi-barineya . . . eKadeshi-barineya, bevela e—bevela ezweni lesithembiso, base bethi, "banjengeziqhwaga; ngeke sakwenza." Kanti, uNkulunkulu wathi, "Sengivele ngininika izwe"! Emnceleni! UJesu wathi, "Bona, bonke, babhubha. Bafile," balahlekile, bengenaNkulunkulu, nakuba benze zonke lezizinto. Bazibona lezizimangaliso; bazijabulela, basina phansi-phezulu ogwini

lolwandle, noMiriyemu, ngenkathi beshaya isigujana itamborini. Futhi abathathu kuphela, ezigidini ezimbili, abangena.

246 Siyaqonda, Baba, ukuthi uma isidoda, izimbewana eziphuma okhalweni lwesilisa nesifazane, zihlangana ndawonye, yinye kuphela, esigidini, emukelwayo. Imbewana eyodwa yokuphila ephuma esiliseni ithola iqanda elinokuthela lowesifazane, isifazane, nezinye isigidi ziyabhubha.

247 Kukhona isigidi, izigidi ezimbili, ziphuma eGibhithe; ababili, uJoshuwa noKalebi, bangena ezweni. Oyedwa esigidini. Baba, ngi—ngiyathuthumela uma ngicabanga ngalokho. Cabanga, izwe lonke namhlanje, amaKristu ayizigidi ezingamakhulu amahlanu, lokho bekungaba ngamakhulu amahlanu uma Ubungafika kulobubusuku. O Nkulunkulu, asikhumbule ukuthi onke amaZwi kaNkulunkulu, amile, isikhumbuzo. Sifanele siLikholwe. Sifanele siLilalele ngokulithobela.

248 Futhi ngenkathi Uthi, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo bonke abakude, iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Futhi, Nkulunkulu, Usabiza, kulobubusuku, nesithembiso sikhona inqobo nje uma Ubiza.

249 Nabefundisi basemasontweni usonte izingqondo zalabobantu, futhi bakuqondisa ngesemfundo, isikole sesayense yezenkolo sobuhlelo, kuya entweni yokuthi, "O, uyakholwa nje." UDeveli uyakholwa naye, kodwa angewemukele uMoya oNgcwele. UJuda Iskariyothe wayeyi. . . wenze konke oku—okusele, abafundi bakwenza, bashumayela iVangeli; kodwa lapho sekufika isikhathi sokuba athole uMoya oNgcwele, wakhombisa ubunjalo bakhe.

250 Nkulunkulu, kwangathi abantu bezwe kulobubusuku bangaqonda ukuthi, ngaphandle kwalololwazi lwesipiliyoni, balahlekile. Kwangathi kungenzeka kulobubusuku ukuba imiphefumulo yabo izokweneliswa yiSabelo saKho, Nkosi, njengoba sibanikela esandleni saKho. BangabaKho, Nkosi. Thina sibophezeleke kuphela eZwini. Ngikhulekela ukuthi bazokholwa ngayo yonke inhliziyo yabo, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

251 O, ngabe UyiSabelo sakho esenelisayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he! NiyaMthanda ngayo yonke inhliziyo yenu na? ["Amen."] Manje, lawomaZwi ngezinye izikhathi

ayasika, kodwa asicule ngoMoya manje, niyabo, ngamunye wethu manje. Asixhawulane nomfowethu ohlezi eduze kwakho, udade, futhi nje sithi, "UNkulunkulu akubusise, sihambi," njengoba silicula futhi. [UMfowethu Branham uxhawula abantu.]

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini, waseKalvari.

252 Manje sixhawulanile. Manje asivale amehlo ethu nje futhi sicule ngoMoya, siphakamisele izandla zethu kuYe.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

O, Akasiso isimangaliso na?

Isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
O, uyangisindisa, uyangigcina kuso sonke isono nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, malidunyiswe iGama laKhe!

O, isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
Uyangisindisa, uyangigcina kuso sonke isono nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, alidunyiswe iGama laKhe!

253 O, ngabe ninokushisekela ngolwazi lwenu lwesipiliyoni ngoKristu na? [Ibandla liyajabula, "Amen."—Umhl.] Akasiso isimangaliso na? Akenelisi na?

Ngangilahlekile, manje sengitholiwe, ngikhululiwe ekulahlweni,
UJesu unikana inkululeko nensindiso egcwele;
Uyangisindisa, uyangigcina kuso sonke isono nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, alidunyiswe iGama laKhe.

O, isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;

O Uyangisindisa, uyangigcina kuso sonke isono nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, alidunyiswe iGama laKhe!

254 Niyakholwa ukuthi lokho kungokomBhalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IBhayibheli lathi, "Shayani izandla zenu. Nenze umsindo wokujabula eNkosini." Niyazi, ngangikufuna njalo ukudlala umnyuziki. Indodakazi yami, uRebekah, uthatha upiyano. Umfanyana wami uthatha icilongo. Kodwa nga—ngakufunda okubethwayo okunezintambo eziyishumi, [UMfowethu Branham uqala ukushaya ihlombe].

Isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
Uyangisindisa, uyangigcina kuso sonke isono nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, malidunyiswe iGama laKhe!

NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizohamb'ekuKhanyeni, kungukuKhanya okuhle hle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

255 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha, "UJesu, ukuKhanya kwezwe," bese kuthi-ke ibandla lihamisha kanye naye.—Umhl.] Mkhonzeni uNkulunkulu ngakho konke eninakho.

Lapho abangcwele bemasha bengena,
Lapho abangcwele bemasha bengena,
Nkosi, ngifuna ukuba kulesosibalo
Lapho abangcwele bemasha bengena.

O, lapho beYithwesa umqhele iNkosi yakho konke,
Lapho beYithwesa umqhele iyiNkosi yakho konke,
Nkosi, ngifuna ukuba kulesosibalo
Lapho beYithwesa umqhele iNkosi yakho konke.

O, lapho ilanga lenqaba ukukhanya
Lapho ilanga lenqaba ukukhanya,
Nkosi, ngifuna ukuba kulesosibalo
Lapho ilanga lenqaba ukukhanya.

256 Niyakuthanda lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje angazi noma izinyawo zenu ziphendukile yini, anisadansi, phandle lapho nenzele izwe na? Niyabo? Asimbambathe izinyawo zethu, eNkosini, eNkosini. Ngabe izandla zenu ziphendukile, anisebi na? Izindebe zenu ziphendukile, anisaqambi amanga na? Ningafaki nje inkolo ekhanda lenu, ifakeni yonke indawo kini. Yilokho-ke. Kuthatha umuntu wonke. Kunjalo. Manje asimbambathe izinyawo zethu.

Lapho abangcwele bemasha bengena,
Lapho abangcwele bemasha bengena,
Nkosi, ngifuna ukuba kulesosibalo
Lapho abangcwele bemasha bengena.

O, lapho abangcwele bemasha bengena,
Lapho abangcwele bemasha bengena,
Nkosi, ngifuna ukuba kulesosibalo
Lapho abangcwele bemasha bengena.

Manje asiphakamise izandla zethu nje.

Lapho abangcwele bemasha bengena,
Lapho abangcwele bemasha bengena,
O Nkosi, ngifuna ukuba kulesosibalo
Lapho abangcwele bemasha bengena.

Lapho beYithwesa umqhele iNkosi yakho konke,
Lapho beYithwesa umqhele iNkosi yakho konke,
Nkosi, ngifuna ukuba kulesosibalo
Lapho beYithwesa umqhele iNkosi yakho konke.

257 Animthandi na? [Ibandla liyajabula, "Amen! Udumo! Haleluya"—Umhl.]

Manj-ke sizohamb'ekuKhanyeni (UngukuKhanya, niyazi), NgukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Awu, kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

258 Niyakholwa ukuthi UngukuKhanya kwezwe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa? UPawulu wathi, "Uma ngihlabelela, ngiyohlabelela ngoMoya. Uma ngikhonza, ngiyokhonza ngoMoya." Niyabo, noma ngabe yini eniyenzayo,

kwenzeni konke ngoMoya. Kunjalo. NoMoya uletha iZwi ekuPhileni. Kunjalo na? Kunjalo. Yebo, mnumzane.

Nonke nina bangcwele bokuKhanya memezelani,
UJesu, ukuKhanya kwezwe;
Umusa nesihawu eGameni laKhe,
UJesu, ukuKhanya kwe . . .

Manje-ke senzani na?

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

259 Ngiyaxolisa ukunidida badlali, kanjalo, kodwa ngivele ngathathwa nje. Akukho okungcono engikwaziyo ngaphandle kokukhonza nje. Yileyondlela okwenza ngayo. Yebo, mnumzane. Ngiyabonga ngalelithuba, Mfowethu Mack, ukuza ngizohlanganyela nawe nebandla lakho lapha kulobubusuku, bonke lababantu abahle.

260 Nani eniphakamise izandla zenu nenzela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngethemba ukuthi nizobonana noMelusi uMack lapha, noma abanye babo, bese nibuyela ekamelweni lapha. Futhi khumbulani nje, ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma iZwi ekuqaleni, futhi wathi, "makube-khona," kwafanele kube-khona! Futhi Wathi, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga ngokuba bayakusuthiswa." Niyabo, kuzofanele kwenzeke. Wozani nivakashele umelusi wenu lapha, futhi nime ngakuye lapho eshumayela iVangeli.

261 Manje asicule futhi leloculo elimnandi elidala, ngiyalithanda nje lelo, "Sizohamb'ekuKhanyeni."

262 UJesu wathi, "NgingukuKhanya," nani nikuYe. Niyabo? Ningena kanjani kuYe na? NgokuMjoyina na? Qhabo. Ngokuxhawula na? Qhabo. Umbhaphathizo wamanzi na? Qhabo. "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye, okunguMzimba kaKristu." Futhi kulowoMzimba kukhona iziphiwo zikamoya eziyisishiyagalolunye ezisebenza ngomzimba wendawo, ibandla lendawo. Lobo ngubuphostoli, uma ngake ngabazi. Kunjalo.

Ngakho sizohlala sisekuKhanyeni, ekuKhanyeni okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona,
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,

Ngiyabonga, mfowethu.

UJesu, ukuKhanya kwezwe.

